# *MLINDI, YISIKHATHI SINI SOBUSUKU NA?*

[Indikimba kaMfowethu William Branham ku-Isaya 21:1-12 ifundwa nguMfowethu Gene Goad—Umhl.]

*Umthwalo wehlane lolwandle. Njengokudlula kwezivunguvungu eningizimu; kuvela ehlane, ezweni elesabekayo.*

*Ngitshelwe umbono olukhuni; umphangi uyaphanga, umchithi uyachitha. Yenyuka, O Elamu: vimbezela, O Mediya; konke ukukhala kwalo ngikwenza kuphele.*

*Ngalokho ukhalo lwami lugcwele imihelo: inkwantshu ingibambile, njengenkwantshu yobelethayo: ngikhonkobele ukuba ngingezwa; ngiphele amandla ukuba ngingaboni.*

*Inhliziyo yami iyaphakazela, ngashwaya luvalo: ubusuku benjabulo yami ubuphendukezele ngokwesabeka.*

*Ngukulungisa itafula, ngukwendlala izindwangu, ukudla, ukuphuza: sukumani, zikhulu, nigcobe izihlangu.*

*Ngokuba ishilo kanje iNkosi kimi, Hamba, umise umlindi, ozakubika akubonayo.*

*Lapho ebona abamahashi amahashi amabili ngamabili, nezinkweli zezimbongolo, nezinkweli zamakamela; uyakuqaphela nokuqaphela ngesineke esikhulu:*

*Wayesememeza, Ingonyama: Nkosi yami, ngimi njalo emini embhoshongweni wami, ngihlezi ngisemlindelweni nasebusuku bonke:*

*Futhi, bheka, kuyeza isigaba samadoda, amahashi amabili ngamabili. Wathatha wathi, liwile, liwile iBabele; nazo zonke izithombe ezibaziweyo zawonkulunkulu balo zidilizwe phansi.*

*Wena ongokubhuliweyo kwami, namabele esibuyeni sami: engikuzwileyo eNKOSINI yamabandla, uNkulunkulu kaIsrayeli, khona ngiyanazisa.*

*Umthwalo weDuma. Ukhona ongimemeza ngiseSeyiri, Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na? Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?*

*Umlindi wathi, Kuyeza ukusa, nobusuku futhi: uma nithanda ukubuza, buzani: buyani, nize.*

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

2 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Kuhle ukuphinde ngikubone.

3 Sanibona ekuseni, eklasini lethu leBhayibheli kulokhukusa, njengoba sithanda ukunibingelela eGameni leNkosi uJesu. Futhi lapho bengishayela ngehla ngomgwaqo emizuzwini embalwa edlule, nomndeni wami, bengicabanga ngabantu abaphumayo ukuza esontweni ngezinsuku ezishelela njengalolu, lapho iqhwa lisezweni lonke, ubungozi emgwaqeni. Abezi nje ukuba bezobukwa. Bezela inhloso ethile. Futhi ngijabula kakhulu ukubona leliqembu lapha kulokhukusa, lelo, namanje, "uKukholwa kobaba bethu, kusaphila namanje," kuvutha ezinhliziyweni zabesilisa nabesifazane yonk'indawo.

4 IZwi lisanda kufundwa nje nguMfowethu Gene Goad, lesahluko sama 21 seNcwadi ka-Isaya, lapho esiyakutadisha khona, okwesikhashana, bese-ke siba nomkhuleko wabagulayo. Futhi manje okwendikimba, kulokhukusa, ngingathanda ukukhipha lapho, ele 11 kuya evesini le 12: *Mlindi, Yisikhathi Sini Sobusuku Na?*

5 Futhi ngaphambi kokuba senze ukukhuluma, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

6 Nkosi Nkulunkulu, Wena unguNkulunkulu wawobaba bethu. UnguNkulunkulu Owaphefumula umoya wokuqala wokuphila owake weza emhlabeni, futhi waba nokulawula yonke impilo kuze kube manje, futhi uyakulawula njalonjalo. Ngokuba Wena unguMdali waso sonke isintu, nazo zonke izinto eziphefumulayo. Wena unguMdali.

7 Futhi siyajabula, kulokhukusa, ukukholwa ezinhliziyweni zethu ukuthi izethembiso zaKho ziyiqiniso, zonke. Nokuthi kulezizethembiso, Washo ukuthi lapho kubuthene khona ababili noma abathathu eGameni laKho, ukuthi Uyoba phakathi kwabantu baKho, nokuthi Uyophendula ukubiza kwabo.

8 Futhi kunezinhliziyo ezisindayo namhlanje. Njengoba kusukela ngingena ebandleni, ngibona labo abasemibhedeni emincane noma izinhlaka. Futhi abanye benemikhono yabo ibheke phezulu, kuvela ezifweni ezithelelanwayo—izifo ezithelelanwayo ezingalweni zabo. Futhi abanye, ngizwile, ukuthi ulahlekelwe abathandekayo. Futhi, o, lingelinesono futhi izwe elibi! Kodwa, nokho, zonke lezizinto izofanele inqotshwe eNkosini uJesu, Ositshelile, ukuthi, "Konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu."

9 Futhi siduduzekile kulokhukusa, ukukholwa ukuthi okuningi kwalezizinto ezokusilethela emadolweni ethu. Futhi sithanda ukucabanga ngomBhalo, ukuthi, "Abalinda

eNkosini bayothola ukuhlunyeleliswa amandla. Bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi. Bayogijima bangapheli amandla. Bayohamba futhi bangaquleki." Futhi njengoba imbongi ishilo, "Ngifundise, Nkosi. Ngifundise, Nkosi, ukuthi ngilinde kanjani."

10 Makuthi thina, namuhla, njengoba silindele ukuzwa okuvela eNkazimulweni, nokuvela emlonyeni woMsindisi wethu, ngoMoya oNgcwele, ukuthi sizolinda ngokubekezela ukuzwa iPhimbo laKhe likhuluma izinto ezithandekayo kithi, ngeZwi laKhe, futhi likhulume ukuxolelwa kwezono zethu, nokwelashwa kwezifo zethu.

11 Futhi kwangathi singalishiya lelitabernakele kulokhukusa, sijabula, futhi sisho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba sikholwa ngeqiniso ukuthi uyiNkosi evukile, njengoba baYithola ngalolosuku. Futhi Iphakathi kwabantu. Asisoze sakhathala, izinhliziyo zethu angeke zande ziquleke. Masihlumelelise ukukholwa kwethu, ihora ngalinye, kuWe. Siphe khona, Baba.

12 SiyaKucela ukuba ubusise iZwi elilotshiwe. Futhi ukuba ubusise izindlebe eziyakuzwa, nezindebe eziyakukhuluma; futhi zithole iNkazimulo kuWena. Ngokuba eGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

13 Akukho namunye kithi ogomekile ezinkathazweni. UNkulunkulu akazange athembise ukusithethelela kukho konke ukugula. Kodwa kulotshiwe, ukuthi, "Amandla aKhe anele, futhi Akasoze abeka okuningi kakhulu phezu kwethu kepha ukuthi Uzosinika umusa ukuba sikuthwale." Ngakho-ke sinaleyo nduduzo yokwazi.

14 Emcabangweni wendikimba nje manje, okwemizuzwana embalwa, entweni ebonakala ibekwe enhliziyweni yami emahoreni ambalwa edlule: *Mlindi, Yisikhathi Sini Sobusuku Na?*

15 Kwakucishe mhlawumpe kube, phakathi kokushona kwelanga nobumnyama. Futhi kwakukade kuwusuku olwesabekayo emzini, ngoba kwakubekhona isexwayiso esikhishwayo, ukuthi bona, umlindi embhoshongweni, wayethumele emuva izwi ukuthi wayebone ebangeni uthuli luphakama emasondweni ezinqola. Futhi uzwe ukukhala kwezinselo zamahhashi, ebangeni eliqhelile.

16 Kodwa njengoba amanenekazi amabili ayobe emile emthonjeni, futhi ebusheni babo, unyaka wobusha, ayenokuningi ukuba acabange ngakho, acabanga, khona-ke beliyini lelizwi lomlindi. Mhlawumbe belingasho okukhulu kangako kuwo, ngoba nje babesekukhophozeni bobufazane obusha. Mhlawumbe kwakungenxa yokuthi kwakufanele kube nephathi ngalobobusuku, futhi lamanenekazi asemasha

ayefuna ukwethamela le phathi. Futhi kwakubonakala sengathi isixwayiso somlindi sasingeke sibe nomthelela kulokho ayenenjabulo yawo yezwe eyayikhonjelwe lobobusuku. Ngakho-ke njengoba ingxoxo ibingaqhubeka, futhi—futhi elinye inenekazi laliyothi kwelinye, "Akukubi kakhulu, ukuthi, osukwini lwethu, ukuthi sinomuntu ongonakalisa injabulo yethu onjalo, umuntu othile obeyozama uku—ukusisusa emalungelweni esinawo, futhi kusukela ezinjabulweni esingazijabulela?"

17 Futhi ngikholwa ukuthi lokho kungacishe kubambisane nokulandisa kwesimanje kwanamhlanje, ukuthi abantu bazama ukucabanga ukuthi uma uzama ukuxwaya nokubaxwayisa ngezingozi ezisondelayo, ukuthi babonakala becabanga ukuthi ungothile oyisidala omdala, umuntu othize ozama ukukhipha yonke injabulo empilweni.

18 Futhi besingacabanga futhi ngezinsizwa, njengoba zazivela endlini yokusebenzela, futhi ubuso bazo bungcolile ngomsebenzi ababekade bewuqashelwe ngaleyomini. Futhi omunye umfo omncane angahle ukuthi uthi komunye, "Ngokushesha nje lapho sesigezile futhi sazilungisa, kancane, ngani, sizohlangana ethaveni, njengokwejwayelekile. Ngokuba ngineqiniso ukuthi wena, John, aniphazamisekanga nonke mayelana nalomlayezo esiwuzwile namuhla, lowo mlindi embhoshongweni, ezama ukukhipha yonke injabulo empilweni, ezama ukusitshela ukuthi bekunengozi esondelayo. Kodwa, uyazi, sinempi ezedlula zonke ekhona. Futhi amaningi amasosha ethu a. . .ayahlangana ubusuku ngabunye kulendawo efanayo esikwenzayo, futhi siyakujabulela ukuhlanganyela ndawonye, njengoku—ukugembula kobungane okuncane, neziphuzo ezithile ezimbalwa. Futhi mina, qobo lwami," wayezothi, "ngiyenqaba nje ukwexwayiswa nganoma yini yalento leyo lomlindi abeyokhuluma ngayo. Ngokuba siyakholwa uma bekukhona izingozi ezisondelayo, ukuthi ngokweqiniso orabi bethu—bethu bebezokwazi ngalokhu, abelusi bethu, futhi bebezositshela ngezinto ezinjalo. Futhi asinandaba nje ukuzwa lezizindaba ezikhathazayo zalababalindi embhoshongweni."

19 Futhi uma lokho kungesona kanye isithombe esivelele sesizwe sakithi namhlanje, ukuthi intsha yasezweni lakithi, futhi hhayi nje intsha kuphela, kodwa asebekhulile bezwe lakithi, usevele nje wadlebeleka. Futhi bayenqaba ukuzwa izexwayiso. Futhi nje ngokushesha lapho umlindi weqiniso enikeza isexwayiso, ufaniswa nokholwa okuphambene, noma uhlanya oluthize.

20 Futhi njengoba usuku lukhula luqhubekela ebusukwini, mhlawumbe isosha esangweni, eligade amasango, liba ngeliyaluzayo kancane. Futhi liya ngaleya e. . .unogada wakhe ongumakhelwane, futhi lithi, "Uyakholwa ukuthi bekungaba nethuba lokungenzeka ukuthi lowo mlindi ubeqinisile na?"

21 Niyazi, kukhona okuthile mayelana nengozi, kukhona okuthile mayelana nokufa, okubonakala kunesexwayiso ngaphambili kwakho. Izikhathi eziningi ukuthi abathandekayo ngaphambi nje kokuba bawelele kolunye uhlangothi, kubonakala kunesexwayiso esibafikelayo.

22 Ngingacabanga ngobaba wami, ngaphambi kokumuka kwakhe. Wayekade engaphandle kwaseKentucky iminyaka eminingi. Kodwa, kungazelelwe, okuthile kwabonakala kuhamba ngaphezulu kukababayi, ukuba ehlele endaweni yasekhaya endala futhi akhulume nabathandiwe bakhe nabangane bakhe.

23 Ngemuva kokuba esebuyele emuva ekhaya, umfowabo, lowo ayengatholanga ukuyombona, ngokuxakile wayexwayisiwe ukuba eze eJeffersonville ukuzombona. Futhi besahlezi, bekhuluma, ubabayi waquleka wangena kwelinye izwe.

24 Ngicabanga ngomukhwe wami. Ezinsukwini ezimbalwa nje ngaphambi kokumuka kwakhe, wathi, "Billy, ake mina nawe sikhuphuke siyozingela izingwejeje, phezulu enhla e-Utica. Ngifuna nje ukuya endaweni endala." Ngandlela-thize, esifundazweni sikaNkulunkulu, angikwazanga ukuhamba naye ngalolosuku. Futhi wakhuphuka ngalolosuku futhi wazingela, futhi lapho esebuya ezansi ebhasini, wa—wangitshela, wathi, "Bengihlezi phezulu le egqumeni. Konke sekushintshile manje. Kodwa ezansi le ekhoneni elithize lehlathi, e-Battle Creek, ngenhla kwethu nje," wathi, "kwakubonakala sengathi ngangingamuzwa umama ebiza, 'O, Frankie!'" Ngalobobusuku wanikeza ubufakazi, emgqeni wesibili walelibandla, ngakwesobunxele sami, ezifisela imikhuleko yabantu. Futhi ezinsukwini ezimbalwa kamuva, samngcwaba.

25 Kubonakala sengathi nje uNkulunkulu njalo uthumela isithunywa. Ngukulunga kwaKhe nomusa waKhe, ukunikeza ngeqiniso enhliziyweni isexwayiso sezinto ezisondelayo.

26 Futhi ngijabula kakhulu ukuthi ngalolusuku esiphila kulo manje, ukuthi, lapho isigayegaye nobumnyama kuso sonke isandla, lapho kubonakala sengathi kunethemba elibusisiwe elibambe izinhliziyo zabantu bakaNkulunkulu, ukuthi ngelinye ihora elikhazimulayo uJesu uyakufika.

27 Futhi kulesisikhathi esikhulu senkathazo, kulelidolobha, abafo abasha bengakunaki, nabantu abaningi ababengenandaba ngalokho umlindi ayezodingeka akusho. Kusobala, babesethaveni, bephuza, futhi iphathi yayiqhubeka. Futhi amasosha onke ayephuza. Futhi babenesikhathi esimnandi, becabanga ukuthi nje babephephe ngakho konke ababengakwenza. "Akukho okwakuzobalimaza," ngoba babethe ukudakwa kancane, njengoba singakubiza, imimoya ye-wiski neziphuzo ezixutshiwe.

28 Futhi khona manjalo, lapho kwafika izinqola ziginqikela ngqo emzini. Futhi iminyango yethaveni yephulwa, namakhaya, futhi izikhali zokubulala sasisemsebenzini, ngoba nje benqaba ukuzwa isexwayiso somlindi.

29 Futhi imisebenzi yomlindi, eBhayibhelini elidala, kwakuyindoda eyayikhethiwe. Kufanele kube yindoda eqaphelayo ngemizimba yasezulwini. Kufanele yazi ngempela lapho izinkanyezi zilenga khona, ukusho isikhathi esiphelele kubantu. Abaningi abakhathazekile, babeyophuma, mhlawumbe, futhi babengeke balale, beyaluza, futhi babengamemeza phezulu kumlindi embhoshongweni, futhi babememeza lamazwi kakhulu, "Mlindi, yisikhathini sini sobusuku na?"

30 Futhi wayeyobheka izinkanyezi, bese-ke ethi, "Yisikhathi esi *wukuthi-nokuthi*."

31 Khona-ke babeyobuyela emuva embhedeni wabo, noma yikuphi lapho ababekhetha ukuhlala khona, belinde ukusa ukuba kufike, lapho obukhathalisanayo, obukhathazanayo, ubusuku obuyaluzanisayo babuyophela.

32 Nkulunkulu yiba nomusa! Ngiyazibuza ukuthi akusiso yini isikhathi, namuhla, ukuthi asimemezanga uMlindi wethu omkhulu, "Yisikhathi sini sobusuku na?" Kukhona ingozi esondelayo ezayo, futhi izwe lonke libonakala liqhaqhazela ngaphansi kokuthonya kwalo.

33 Umlindi futhi wayefanele abe semsebenzini, ngazozonke izikhathi. Futhi wayefanele axwayise abantu ngezingozi ezisondelayo. Lowo kwakungumsebenzi wakhe, ukubhekisisa ingozi esondelayo. Futhi wayephezulu embhoshongweni owawakhiwe waphakama kakhulu kangako kunezindonga. Futhi lo mbhoshongo, ayenawo phezulu lapho, kuwo, izincwadi zosonkanyezi, nokunye nokunye, ukuze ezokwazi ukubuka izinkanyezi futhi asho isikhathi. Noma yini esondelayo, yesikhathi sosuku, wayengakusho.

34 Khona-ke, futhi wayengakwazi ukubona phambili le kunanoma ubani osemhlabeni. Wayengabona phambili kunanoma ngubani osodongeni, ngoba wayephezulu kakhulu. Futhi uma wenyuka kakhulu, ungabona kude kakhulu. Futhi ungazisho izingozi ezisondelayo, phambili kude le kunalabo ababoshelwe emhlabeni.

35 Futhi njengoba u-Isaya, osukwini lwakhe, wayekhuluma ukuthi uNkulunkulu wayemenzele umlindi. UNkulunkulu ufanisa abaprofethi bakhe njengezinkozi.

36 Futhi njengoba bengihlale ngishumayela ngendaba yezinkozi, ukhozi luyinyoni engaphakama ukwedlula noma yiyiphi enye inyoni. Futhi lufanele lwakhiwe ngokukhethekile ngenxa yalobo bude bokuphakama oluhamba luyongena kuyo. Manje, uklebe awusoze wakwazi ukululandela. Ayikho enye

inyoni ebingalulandela. Luyinyoni kaNkulunkulu ayiqambayo, futhi lwenziwa kanjalo. Uma enye inyoni izama ukuthatha indawo yalo, iyobhubha. Izofanele ibe nezimpaphe eziqinile, amaphiko aqinile. Futhi kungalusiza ngani ukuhamba luye phezulu uma lungeke lubone, lube namehlo amahle ukuba lubone na? Uklebe ubungaphuphutheka phezulu lapho; ubungeke ubone. Kodwa uma ukhozi lukhuphuka kakhulu, yilapho lungabona kude kakhulu.

37 Futhi uNkulunkulu wafanisa abaprofethi baKhe nezinkozi. Bangabalindi abangakhuphuka baye phezulu, ukuze bezokwazi ukubona kude kakhulu. Futhi amehlo abo enziwa ngokomoya ukuze bakwazi ukubona izingozi ezisondelayo.

38 Futhi uNkulunkulu wathumela u-Isaya phezulu ukuba axwayise abantu ukuthi kwakukhona ingozi esondelayo, futhi abamlalelanga.

39 Futhi, namhlanje, uNkulunkulu usenazo izinkozi, noma izithunywa, noma amadoda asembhoshongweni, anyukela phezulu eMoyeni, kwedlula phambili kakhulu zonke izinsimbi zomshini, nawo onke amabhomu e-atomu, kanye nocwaningo lwesayensi. Unamadoda aqanjwe ngokukhethekile ngenxa yaleyonhloso, anyukela phezulu ezingangeni zaseKalvari, eGameni leNkosi uJesu, futhi ame esiqongweni sesiphambano, futhi angathumela uMyalezo emuva, "ISHO KANJE INKOSI." Ukubona kwabo ngokomoya kwakukude kakhulu kunokwabapristi ethempelini; kukude ngaleya kwendoda ejwayelekile yomkhakha wempilo; ngokuba basungulwe ngokukhethekile ngenxa yemisebenzi uNkulunkulu ababizele kuyo. Ngakho-ke, kuyasikhokhela ukuthatha ukunaka lapho sizwa ngezinto ezisondelayo.

40 Khona-ke ngizoshintsha manje umzuzwana nje. Futhi nizophendulela ukunaka kwenu eNkosini yalezizinkozi, noma abaprofethi, noma abalindi bombhoshongo. Leyo yiNkosi uJesu, qobo lwaYo. Futhi lolusuku esiphila kulo lwalulukhulu kakhulu kunosuku Ayelapha ngalo, kwaze kwathi, lapho Wayekade esemathunzini esiphambano ngqo, Wakhuluma kakhulu ngokuFika kwaKhe kwesibili kunoma Enza ngokuhamba kwaKhe. Uma ngokucophelela nizohlola imiBhalo, nizothola ukuthi ngaphambi nje kokumuka kwaKhe, ukuthi Waprofetha ngezinto ezazizokwenzeka ngalolusuku.

41 Wayazi ukuthi kumele Abethelwe. Wayazi ukuthi kumele ahlupheke o—ongenacala ngenxa yabanecala. Wayazi ukuthi Wayezovuka futhi ethuneni, ngosuku lwesithathu. Wayazi ukuthi kwakungekho amandla ayengaMbamba ethuneni, ngoba iZwi likaNkulunkulu lalithe, "Angiyikuvuma Ongcwele waMi abone ukubola, aNgiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese." Futhi kwakungekho mandla ayengasephula lesosiprofetho. IZwi laKhe liyakuba yiqiniso, futhi Bayogcwaliswa ngezikhathi

zaBo zonyaka. Futhi Wayenokuzethemba ukuthi, lokho uBaba ayekushilo, uBaba wayekwazi ukugcina iZwi laKhe.

42 Ngakho-ke, inhliziyo yaKhe enkulu eyayingaphakathi kuYe, eyayiyisiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, enhliziyweni yaKhe Wayazi ukuthi lezizikhathi ezinkulu zokulingwa zaziyofika ukuhlola zonke izizwe, nokuhlola bonke abantu. Ngakho, ngakho-ke, Wayazi ukuthi umbuzo omkhulu wawubekiwe, hhayi ukuthi ngabe Uyovuka futhi, noma noma ngabe Uyobethelwa ngokwemiBhalo, noma hhayi ukuthi ngabe Uyokwenyukela Phezulu, futhi uMoya oNgcwele uzofika. Kodwa umbuzo wawungukuthi, "Ngabe kuyobakhona yini ukukholwa okuseleyo emhlabeni ekuFikeni kwaKhe na?" Futhi kuvelaphi lokho kukholwa na? "Ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu." Lowo kwakungumbuzo waKhe. "Kuyoba khona yini ukukholwa emhlabeni lapho Ngifika na?" Ngabe Uyobathola yini abantu okholwa yiZwi laKhe na?

43 Manje lapho thina, osukwini esiphila kulo, singaphenya emakhasini eZwi laKhe elibusisiwe, futhi sithole zona kanye izinto Athi zazizokwenzeka, zisondela emhlabeni namhlanje, izimpawu nezimangaliso ziyenzeka: "Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba." Kukhona "ukuxakeka kwesikhathi nosizi phakathi kwezizwe. Izinto ezesabekayo ezibhakabhakeni," njengamasoso andizayo, nePentagon yonke ishukumile. "Nolwandle luyabhonga, nokuzamazama komhlaba ezindaweni ezehlukene. Inhliziyo yabantu ziyehluleka, ekwesabeni." Izikhali ezinkulu zama-atomu zibekiwe, zilindele. Isigayegaye silengela emhlabeni, ukuthi izwe alikaze likubone ngamehlo phambilini.

44 Ngesonto eledlule ngibe nenhlanhla yokukhuluma nomunye wabangani bami abathandekayo nabafowethu, uKaputeni Julius Stadsklev, owabhala incwadi, *UMprofethi Uvakashela e-Afrika*. Futhi uMfowethu Julius wayeseCalifornia, okungukuthi manje uthatha ukufunda kwakhe kokuba ngumeja empini. Futhi yena…Bona, abasebenzi bezempi, bamthathele ukuhlolwa okukhulu. Futhi bacwaninge izizukulwane zakhe baze badingeka bafakazise ngisho ukuthi wayengubami ugogo kagogo wakhe, kanye nomlando wabo nokuthi babeyini, ngaphambi kokuba ahlale kulo mhlangano.

45 Futhi lapho ephuma emhlanganweni, futhi wakhuphukela esiqongweni segquma lapho sasihlala khona nabangane abathile, wahlangana nami laphaya ngaphansi kwesihlahla somjunipha, futhi wathi, "Mfowethu Branham, kuyinto ekhathaza kakhulu owake wayizwa." Wathi, "Ngingaphansi kwesifungo esikhulu kangako engingeke ngisisho, noma engingeke ngikhiphe noma yiluphi ulwazi," wathi, "ngoba si…Basithatha basifaka ngaphansi kwesifungo sesizotha. Kodwa," wathi, "Ngingakusho lokhu. Impi izophela. Angeke baphinde babenenye impi; onogada abambalwa nje nxazonke.

Angeke baphinde babe nomuntu ondizayo emoyeni. Angeke besa—ukunaka isikhathi sabo ekwakheni izindiza ezisheshayo nokunye nokunye, ngaphandle uma nje kuzokwenzelwa ezohwebo. Banake ekudonseni okukodwa nje kwengcipho eyodwa. Kuyofika ukushabalaliswa nya."

46 Wathi, "Mfowethu Branham, umphakathi awazi ukuthi ziyini izimfihlo zezinto zempi." Wathi, "Lapho laba abaphethe izikhundla bekhulume egumbini," wathi, "nakho kufika isigayegaye esibi kakhulu phezu kwegumbi, kwaze kwathi oyedwa wososayensi babo omkhulu wasukuma, futhi wathi, 'Ngifisa sengathi bengingathatha inqola endala nenkomo, futhi ngishayele ngiphindele emuva ngemuva kwezintaba, futhi ngizitshalele indima yeklabishi nobhontshisi, futhi ngikhohlwe yikho konke ngakho.' O," wathi, "bekungaba, uma lolulwazi lungafinyelela ngaphandle emphakathini, umhlaba wonke ubungaba nengebhe. Ingozi iyasondela."

47 Wathi, "Bathole . . . badonsa abasebenzi babo manje besuka eziqhingini. Badonsa amaqembu abo aphume eNgilandi. Futhi banezikebhe ezinkulukazi zihleli laphaya, nezinhlobo ezithile zezikhali. Futhi balinde nje isivunguvungu sokuqala somcibisholo ojikijelwayo, futhi sonke isizwe siyodedela ngasikhathi sinye." Wathi, "Ngeke kube khona ihlumela lotshani elilodwa oluyosala emhlabeni, noma intaba eyodwa ngaphandle kwalokho okuyoshukunyiswa kube selevelini yawo. Futhi kungenzeka noma nini." O, ihora eliyisigayegaye kanje pho!

48 Futhi zonke lezizinto enizwa ngazo amasoso andizayo. Futhi niyizwile ingxoxiswano naleyondoda, ngiyacabanga, izolo, emsakazweni, ezisho ukuthi ikhulume nabantu. Angifisi ukudelela leyondoda, kodwa inqubo yayo yonke iphikisana neZwi. Akulungile. "Futhi ku-Mars, abanakho ukufa, futhi beze ngalapha ukuzofundisa ukuthi singabi nakho kanjani ukufa." Kodwa lapho kufika ebufakazini, wayengenalo ichashaza elilodwa lobufakazi, ukuthi wayengakufakazisa. Umcabango othile nje oyinganekwane ayewudwebile. Futhi, ngombono wami, kungamanga, ngoba iBhayibheli lasho okwehlukile kulokho akushilo.

49 Ngingahle ngizwakalise engikucabangayo ngamasoso andizayo. Angikholwa ukuthi angamathunzi. Angikholwa ukuthi ayinganekwane. Ngiyakholwa . . . Futhi lokhu akukwenzi kulunge. Kungumcabango wami nje kuphela. INkosi ayingitshelanga ukuthi yilokhu ayikho. Kodwa, ngokubuka emiBhalweni, ngokuba yiLapho esithola khona zonke izinto.

50 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Futhi ngaphambi kokubhujiswa kweSodoma, nomlilo wehla futhi washisa umuzi namathafa phezulu, kwakukhona iziNgelosi ezazithunyiwe zivela eZulwini, ezabuka phakathi futhi zahlola,

ukuthola ukuthi ngabe lezizinto zaziyiqiniso noma qhabo. Futhi bekungeke yini kube njengoNkulunkulu nje ukuthumela emuva iziNgelosi zaKhe ukuhlola nokuthola, ngaphambi nje kokuba ukubhujiswa okukhulu kufike na? Futhi niqaphelile yini na? Kwakukhona iNgelosi eyodwa eYafika, eYavakashela indoda endala eyayenze isinqumo ngoNkulunkulu, futhi yayihlala, yadelelwa yizwe, ethendeni emuva ehlane, ngoba umuntu othile wayekhethe futhi wathatha yonke ingcebo yayo. Kodwa yathi, "Kulungile. Ngizohlala lapha nje entandweni kaNkulunkulu."

51 Ngingaqoka ukuba sentandweni kaNkulunkulu kunokuba nemali yonke izwe elingakunikeza yona.

52 Futhi kwathi nje leso sinqumo sokugcina singenziwa, khonake iNgelosi yeNkosi yafika ku-Abrahama futhi yathi, "Buka empumalanga, entshonalanga, enyakatho, naseningizimu. Lonke lingelakho, Abrahama."

53 ImiBhalo iyasitshela, "Babusisiwe abamnene: ngokuba bayakudla ifa lomhlaba." Kwenza mehluko muni na? Zonke izinto zomhlaba ziyobhubha nomhlaba, kodwa uNkulunkulu akasoze abhubha.

54 Futhi ngiyakholwa njengoba ngiholelwe ekutheni ngikholwe. Okungukuthi, uma . . . Isithombe se-Ngelosi yeNkosi Ezayo futhi yenza ukwahlukanisa.

55 Niyiqaphelile iNgelosi Eyafika ku-Abrahama na? Yayifulathele ithende ngomhlane waYo, ngenkathi Yayikhuluma no-Abrahama, futhi yathi, "Ngizosigcina isithembiso saMi kuwe."

56 O, uMlayezo onje pho weNgelosi kaNkulunkulu ngalolusuku, Ezogcina isithembiso saYo! Konke ukungakholwa kwezwe, abanqikazi, abangabazayo ukuthi uNkulunkulu ukhona, nabaphikinkolo, nabangakholwayo, abasoze benza aMandla kaNkulunkulu abe yize. Kuzokwenzeka nje ngendlela efanayo.

57 "Ngizosikhumbula isithembiso saMi, futhi Ngizokwenza isithembiso saMi sibe sihle." Futhi uSara wahleka ethendeni ngemuva kwaYo.

58 Futhi nomhlane waYo ufulathele ithende, Yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

59 Futhi uSara wagijima waphuma wathi, "Angihlekanga," ngoba wayesaba.

60 Kwakuhlobo luni loMuntu lolu na? Ngiyamangala ukuthi hlobo luni loMlindi owayesembhoshongweni ngalesosikhathi na? "Hlobo luni lobuntu lolu olunathi, olungifulathele ngomhlane waLo, futhi nokho luyazi ukuthi ngihlekile, ethendeni na?" Khumbulani, WayenguMlindi.

61 Futhi Waphenduka, futhi Wathi, "Yebo, uhlekile." Futhi wayesaba.

62 Manje, siyaqaphela futhi, ukuthi kulolusuku ngaphambi nje kokuFika kweNkosi, leziziDalwa ezifanayo zizobuya futhi. Futhi ngiyamangala, njengoba siqalaza futhi sibuka imvelo yaZo, bukani ukuthi Zenzani, futhi ngiyamangala uma inqwaba yalokhu okubonakalayo okungaqondakali akusikho impela uJesu athi kuyokwenzeka. "Kuyoba khona izibonakaliso ezulwini phezulu. Nasemhlabeni kuyobakhona usizi phakathi kwezizwe, ukudideka kwesikhathi, ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, nabantu bebulawa ukwehluleka kwenhliziyo." Hhayi abesifazane; abeselisa. Abesifazane abafi kaningi ngenkinga yenhliziyo. Ngabesilisa. Kugcwalisa lokho uJesu Athi kuyoba yikho. Yikho impela Athi kuyoba yikho.

63 Futhi khona-ke njengoba besingaqhubeka, ihora nehora, kubo bonke abaprofethi, ukuthi baprofetha kanjani ngalolusuku. Bekungeke yini kwenze omunye amemeze, "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?"

64 IPentagon ayinayo impendulo. I-United States ayinayo impendulo. IJalimane, iRashiya, akekho noyedwa kubo onempendulo. Isayensi ayinayo impendulo.

65 Ngubani onempendulo na? UMlindi, osodongeni, onempendulo. "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Futhi uMoya oNgcwele uyilowo Mlindi olungiselela abantu, futhi unikeza izexwayiso ezivela kuNkulunkulu. Ubekwe njengoMlindi. Sibona abagulayo bephulukiswa, amehlo aphuphuthekile evuleka, izindlebe eziyizithulu zivuliwe, abakhubazekile behamba, izinyonga zivuza . . . zigxuma njengendluzele. Zigcwalisa i . . . Kuyini na? Ngukufika kweNkosi, kuphikelela.

66 Futhi zonke lezizinto, nalezizixwayiso! Nabantu ngokuqhubekayo bephikelela ngqo beyaphambili emaphathini abo obhiya, kuze kufike izikhathi zabo zobuwula. Futhi bayangqabashiya. "Futhi bayadansa, futhi bayadla, futhi bayaphuza, futhi bayashada, futhi bayendiswa," njengoba nje uNkulunkulu asho ukuthi bayobanjalo. Ayikho indlela yokubamisa.

67 Khona-ke uma uqaphela, kulonyaka omkhulu webandla, ngokweSambulo 3, kulonyaka manje kwakuyiwo owanikwa iNkanyezi yoKusa, ngaphambi nje kokuFika.

68 Bukani ukuthi u-Isaya wayengokomBhalo kanjani ngenkathi ethi, "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?" Wathi, "Ukusa kuyeza, nobusuku futhi." Ini? Ukusa kuyeza, kodwa ubusuku bufika ngaphambi kokusa. Kwakuyini na? Noma ngubani uyazi ukuthi ngaphambi nje kokusa, emahoreni nje okusondela kwemini, kuba mnyama kunokuba kwake kwabanjalo.

69 O, bangane bami, lalelani u-ISHO KANJE INKOSI. Uma nicabanga ukuthi ngiyinceku yaKhe, kungaphambi nje

kokusa. Yingakho lesisigayegaye esisabekayo siphezu komhlaba. Kungaphambi nje kokuFika kweNkosi uJesu. Akusekho themba elisele akulutho ngaphandle kokuFika kwaKhe.

70 Izizwe zimelene nezizwe. Futhi bakhohlisiwe bedlula endlini yokucwaningela kaNkulunkulu baze bathola amandla okuqhumisana omunye nomunye babe ngumlotha we-atomu. Futhi babi, futhi abakholwa, futhi abafani noKristu. Futhi inhloso kuphela abanayo, nomgomo, ngukubhubhisa. Futhi baphefumulelwe yingelosi ebhubhisayo eyathunywa ivela ezulwini ukuphefumulela lababantu.

71 Ake ngisho, eGameni leNkosi uJesu, uMoya oNgcwele usithumelele uMlindi embhoshongweni. Futhi njengoba abantu bememeza, "Yisikhathini sini sobusuku na?" Ukhathazekile yini ngalempilo na? Ukhathazekile ngesono na? Ukhathazekile ngodwendwe lomngcwabo, nokugula, nokungamesabi uNkulunkulu kukho konke na? Ngabe ubusuku bubebude futhi ukhathazekile na? "Yisikhathi sini sobuku, Mlindi na?"

Wathi, "Ukusa kuyeza." Niyayibona induduzo na?

72 "Nobusuku futhi buyeza." Yini ubusuku na? Bukani ukuthi kwakusekuzwaneni okuphelele kanjani noMbhalo, u-Isaya ayeyikho. Izifundo ezivamile ze—zemvelo, njalo ukuthi ukusondela kwelanga kujiyisa ubumnyama ndawonye futhi kubenze bube mnyama. Kumnyama kakhudlwana ngaphambi kwemini kunanoma ngasiphi esinye isikhathi sobusuku. Kungani? Ngukukhanya okusondelayo okukwenza kube mnyama.

73 Futhi ngukusondela kweNkosi uJesu manje okuletha lesisigayegaye phezu komhlaba. Akashongo yini ukuthi, "Lapho lezizinto ziqala ukufezeka, phakamisa ikhanda lakho, ukuhlengwa kwakho sekuyasondela"?

74 IPalestina iyisizwe. AmaJuda abuyile evela kuwo wonke umhlaba, futhi abekwe lapho ukuMbona eza, njengoba uNkulunkulu asho ukuthi bayokwenza. "Fundani umfanekiso womkhiwane, lapho uveza imiphobo yawo." Wathi, "Kuyobanjalo ukuthi kulesi sizukulwane asiyikudlula, asiyikuqedwa, asiyakuphela, kuze kuthi zonke lezizinto ziqedwe." Siphi sona isizukulwane na? Isizukulwane esibona umkhiwane uveza imiphobo yawo. U-Israyeli ubelokhu engumkhiwane njalo.

75 "Lokho okushiywe yisibotho, inkasa ikudlile," kwasho uJoweli. "Lokho okushiywe yinkasa, isilwanyana esinehhuku siyakudla. Futhi lokho okushiywe yisilwanyana esinehhuku, isikhonyane sikudlile." Futhi uma uzoqaphela, lelo yibhungane elifanayo. Ngasinye salezo zinambuzane ezidla nya isihlahla, isinambuzane esifanayo, kuphela esigabeni esihlukile. Futhi isono esifanayo nokungakholwa okwaqala ukudla amaJuda kwawaqeda, ukuthi, "UJesu wayengesuye uKristu," lokho kudla

lowomuthi kuze kuyofika esiqwini esingatheli lutho. Futhi umprofethi wakubona, futhi wakhala izinyembezi. Kodwa iNkosi yathi, "'Ngizobuyisela,' kwasho iNkosi, 'yonke iminyaka leyo inkasa, nesikhonyane, nezibotho okwawudla.'"

76 Futhi ngokokuqala ngqa iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu, amaJuda abuyela ezweni lawo lendabuko. "Leso sizukulwane asisoze saqedwa, asisoze zedlula, zize zonke lezizinto zigcwaliseke." "'Khona-ke Ngiyakuthululela uMoya waMi ezinsukwini zokugcina,' kwasho uNkulunkulu, 'phezu kwamadodana namadodakazi aMi, futhi ayakuprofetha. Futhi Ngiyakuveza izimangaliso.'"

77 Abagulayo bayaphulukiswa, amandla amakhulu ayenziwa, ngoMoya ofanayo owahlala futhi wawungatshela u-Abrahama ukuthi uSara wahleka egumbini ngemva kwaKhe.

Khona-ke siyamemeza, "Mlindi, yisikhathi sini sobusuku na?"

78 Futhi wathi, "Ubusuku buyeza." Bukani. Ubusuku, kuqala . . . Ukusa kuyeza, kuqala. Bese-ke, ubusuku, nabo.

79 Ngaphambi nje kokusa, kuhlala njalo kunokukhanya okukhulu okukodwa okuhlala njalo kubekwe emazulwini, futhi lokho yinkanyezi yokusa. Uma ubona inkanyezi yokusa ikhanya kakhulu, ikhanya kakhulu nakakhulu, khona-ke umhlaba uba mnyama ngokuba mnyama kakhudlwana. Futhi isizathu sokuthi kukhanye kakhulu, yingoba umhlaba umnyama.

80 Futhi iBandla lalezizinsuku zokugcina, ababiziweyo noMzimba kaKristu okhethiwe, uthenjiswe yiBhayibheli ukuthi Uzobanikeza iNkanyezi yoKusa.

"Mlindi, yisikhathini sini sobusuku na? Kuzokwenzekani na?"

81 Nakhu. Ukushabalaliswa nya kuza emhlabeni wonke. Kodwa ngaphambi kwalokho kushabalaliswa kwenzeke, iBandla likaJesu Kristu liyongena oHlwithweni, ukuhlangabeza iNkosi yaLo.

82 Izokwenzani inkanyezi yokusa na? Yini eyenza izinkanyezi zikhanye kakhulu ngalesosikhathi na? Ngukusondela kwelanga. Inkanyezi yokusa ibonakalisa ukukhanya kwelanga. Ezinye izinkanyezi zibonakala zifiphala ngalelohora.

83 Yonke isayensi yezenkolo eyenziwe ngumuntu, konke ukubanda, ukunganaki okubandayo kuzokoma. Kodwa lowomlindi ehlezi ngaleya embhoshongweni, neNkanyezi yoKusa, izobonakalisa uMlayezo weqiniso weNkosi uJesu usondela ngokushesha, ngoba Ukhanya kakhulu nakakhulu, ngaso sonke isikhathi, lapho ilanga liqala ukuphuma.

84 O, bengingathi, zinkanyezi zokusa, vuka ukhanye enkazimulweni kaNkulunkulu, ngokuba ukusondela kobumnyama baphakathi nobusuku buphezu komhlaba, futhi

ubumnyama obuyisigayegaye phezu kwabantu. Kodwa ukusa kuyeza, nezinkanyezi zifanele zinikeze ukukhanya kwazo.

85 Cabangani ngalelohora elesabekayo elibhekene nomhlaba wonke. Cabangani ngalesosigayegaye esesabekayo esibhekene nawo wonke umuntu ongasindisiwe namhlanje. Zonke izizwe, nazo zonke izintaba, nawo onke amapulazi nazo zonke izindlu abaziqhayisa kuzo, ziyokwenziwa uphawuda, zibe ngumlotha wentaba-mlilo futhi, ngesikhashana, ngokuphazima kweso.

86 Kodwa labo abathanda iNkosi, labo abanokuKhanya kweNkanyezi yoKusa, labo aba—abaMbukayo, futhi basuke ezintweni zezwe! Futhi njengoba uPawulu waloba encwadini yakhe yokuvala, ngaphambi kokuba ashiye umhlaba, wayekhathazekile, futhi enovalo, futhi ekhathele. O, ngilizwela kanjani leloJuda elincane pho. Lapho lithi, "Makungabikho ongikhathazayo. Ngilwile ukulwa okuhle, futhi ngiliqedile ibanga lami. Ngikugcinile ukukholwa. Futhi kusukela manje kukhona umqhele wokulunga iNkosi uMahluleli olungileyo ayonginika wona ngalolosuku." Khona-ke wacabanga ngezinkanyezi zokusa ziza, wathi, "Hhayi mina kuphela, kodwa nakubo bonke abathanda ukubonakala kwaKhe." O, "Phakamisani amakhanda enu, ukuhlengwa kwenu kuyasondela."

87 "Mlindi, yini eyenza iphepha lisho lokhu na? Yini eyenza isayensi yesabe ukunyakaza na? Yini eyenza iPentagon yesabe ukukhipha ulwazi na?" Ngoba abantu bebezozibulala futhi baphonse imali yabo ezitaladini, nezinto. "Yini ebiyo . . . Yini indaba na? Kuyini na? Yisikhathi sini sobusuku na?"

88 "Ukusa kuyeza." Kunjalo. Kumayelana nani na? Ukwenziwa kokusa, okuzayo, futhi kucindezela phambili ukuKhanya. Kwenza ubumnyama obuyisigayegaye bufike ngaphambi nje kokuba ukuKhanya kukhanyise.

89 Ngijabula kakhulu ukuba ngumKristu. Ngijabula kakhulu ukuthi ngingumlindi waKhe, omunye wabo, omile odongeni, ememeza kakhulu, "Lungiselela ukuhlangana noNkulunkulu, ngokuba ihora lokuFika kwaKhe liyasondela."

90 Futhi wena, lapha kulelibandla kulokhukusa, uma kukhona ongaqinisekile ukuthi iNkanyezi yoKusa ibonakalisa ukuKhanya kwaYo enhliziyweni yakho, uMoya oNgcwele omkhulu, kwangathi ungakulungiselela lokho. Ngokuba kukhona isehlakalo esikhulu kunazo zonke esezake zenzeka, siseduze khona manje. Simi emphethweni, sibuka umdlalo wasesiteji usuhleliwe.

91 Sekukaningi kangakanani ngibuka amabhayisikobho, ukuthi kukanjani eHollywood nasezindaweni ezahlukahlukene, behlela imidlalo yabo yasesiteji. Nokuthi babathatha kanjani abadumile babo, nokunye nokunye kwabo, futhi babalungise. Futhi babaqeqesha kanjani nakho konke ngaphambi kokuba

umdlalo wasesiteji omkhulu wenzeke. Ngangihlala njalo ngimangele ekuwubukeni, futhi ngazi ukuthi kwakufanele kube inkohliso.

92 Zonke izinto eziyinkohliso zenziwe ngezangempela. Angeke kube khona idola-mbumbulu kuze kube khona elangempela. Angeke kube khona umzenzisi ngaphandle kokuthi kukhona umKristu wangempela. Angeke kube khona umlayezo wamanga ngaphandle kokuthi kube khona Oweqiniso. Angeke kube khona ubusuku ngaphandle kokuthi kube khona imini. Impela!

93 Futhi ngenkathi ngibabuka behlela imidlalo yabo yasesiteji, futhi ngicabangile, "O, simi le ngaleya embhoshongweni, kude ngaphezulu kwanoma yini kulelizwe, futhi sibheke izinto ezimbili ezinkulu kunazo zonke; ukuphela kwesikhathi, nokuFika kweNkosi." Masinyane, "Isikhathi asisayikubabikho." "Akusayikubabikho isikhathi," nokuFika kweNkosi.

94 Futhi umphikukristu, unezikhonzi zakhe zihlezi lapho. Unobukhomanisi. Unezimfundiso ezigqamile ezehlukene: unobusonto, unobuKatolika, unobuProtestani. Unakho konke kuhleliwe, ukwenza umbukiso omkhulu.

95 Kodwa ngijabula kakhulu ukuthi kunoBaba oseZulwini, Onabalingiswa baKhe abahleliwe, futhi, walomdlalo omkhulu wasesijeti. Lapho umphikukristu ebathatha ebangenisa kulokhu ukufa kwayo yonke into, ngisho nasesikhathini, uNkulunkulu ukulungele emdlalweni waKhe wasesiteji ukuphakamisa iBandla laKhe liye ePhakadeni, emazingeni abusisiweyo ePhakade, noNkulunkulu qobo lwaKhe. Lapho, le mizimba emibi emidala iyoguqulwa futhi yenziwe ifane noMzimba waKhe uQobo okhazimulayo, nalokhu okubolayo kuyothatha okungafiyo, futhi ekufaneni naYe siyoma phakade.

96 Bukani! Nina enibukela ithelevishini, nina enilalela umsakazo, nina enifunda amaphephandaba enu, nina enithanda ukuzwa izindaba futhi niyamangala ukuthi yini le, lalelani iphimbo lami: "Ukusa kuyeza, nobusuku buyeza futhi." Ukusa kuyeza kulabo abalungele ukusa, nobusuku buyeza kulabo abangakulungele ukusa. Kwangathi uNkulunkulu angalungiselela izinhliziyo zethu namhlanje.

97 "Ngokuba ukusa kuyokusa ukukhanya kwaPhakade kukhanye kubalele." Futhi njengoba imbongi yathi, "Lapho abakhethiwe baKhe bayobuthana emakhaya abo ngale kwesibhakabhaka. Nxa ebizwa amagama phezulu laphaya, ngoba khona."

Asikhuleke.

98 Kulelihora lesigayegaye phezu komhlaba, nebhubhiso ngapha nangapha, Nkosi Nkulunkulu, si. . . Asikwazi nje ukuzwakalisa ukuthi sizizwa sinjani, nokubonga nokuthokoza okusenhliziyweni yethu, ukuthi uJesu Kristu wehla evela eNkazimulweni, futhi wenziwa umuntu njengathi, wahlala

phakathi kwethu. Khona-ke lapho Efela izono zethu, uza ngendlela yaseParadesi, futhi wathatha imiphefumulo elindele, wabhobokela kuwo wonke amandla emimoya leyo udeveli ayebophe umhlaba ngawo, futhi wenza umushwe, ukuze ukukhanya kwelanga komusa kaNkulunkulu oPhakade kungakhanya phezu kwalabo abavumayo ukukwemukela.

99 Nkulunkulu, siphe namuhla, ukuthi abantu kuyo yonk'indawo bazoshesha, basheshe, bangene eMbusweni, ngokuba uMlayezo ubulokhu uphuthuma njalo. "Sheshani, sheshani, phumani!" iNgelosi yasho, eSodoma, "Angeke ngenze lutho kuze kuba uza lapha." Nkosi, siphe, ukuthi nakuba uMlayezo ugcwele umusa, namandla, nothando, nokho uyaphuthuma. Siphe khona, Nkosi, ukuthi abantu bangashesha beze futhi bamukele uKristu futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Ngokuba uJesu wathi, "Labo abangabakaNkulunkulu, bayawezwa amaZwi kaNkulunkulu." Kwangathi bangeza futhi baphenduke ezonweni zabo, babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu, kukho ukuthethelelwa kwezono zabo, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele; ukuba balungise imiphefumulo yabo esimweni leso ibandla lokuqala elaliyiso, kuzoba njalo lapho Ufika.

100 Siyabonga ngoMlayezo, futhi sikhulekela ukuthi UzoWubusisa, Nkosi, ngobuhle bezinhliziyo zethu, njengoba silindele kuWe. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

101 [Akuqoshwanga eteyipini. Umshayi wopiyano uqala ukudlala *Lapho Beshaya Izinsimbi Zegolide*. Omunye uthi, "Impela bekunguMlayezo omangalisayo, Mfowethu Branham."—Umhl.]

> Ngamunye ngamunye sizongena esangweni,
> Lapho ukuhlala nabangasayikufa,
> Lapho beshayela wena nami izinsimbi
> zegolide.

102 AniMthandi nje na? Manje, umlayezo usuphelile, asiMkhonze nje kanjalo, eMoyeni. Nje . . . Ulapha. Amakhulu, amazwi alukhuni, kodwa ayiqiniso. Ngiwakhuluma eGameni likaKristu. Ukusondela kosuku. Ningithatha. Ngifuna lokhu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> . . . wena nami.

Asiphakamise nje isandla sethu phezulu.

> . . . uzwa . . .
> Anizizwa iziNgelosi zicula na?
> YiJubili lenkazimulo haleluya.
> Kulelophakade elimnandi elikude,
> Ngaleya nje komfula ocwebezelayo,
> Lapho beshayela wena izinsimbi zegolide . . .

103 Ngenkathi esadlala lokho futhi, asixhawulane nomunye ongakuwe! . . . ? . . .

> . . . mnandi phakade,
> Ngaleya nje . . .
> Lapho i . . . finyelela kulologu ngokukholwa kuphela . . .

104 Thanini nje komunye nomunye, "Sihambi, ngiyajabula kakhulu ukuba nawe."

> . . . ngamunye singena esangweni,
> Lapho ukuhlala nabangasayikufa,
> Lapho beshayela wena nami izinsimbi zegolide.
>
> Anizizwa izinsimbi manje sezikhala na?
> Anizizwa iziNgelosi zicula na? (Kuyini na?)
> YiJubili lenkazimulo haleluya.
> Kulelo phakade elikude elimnandi,
> Ngaleya nje komfula ocwebezelayo,
> Lapho beshaya lezo . . .

105 Lokho nje kuvele kwaletha okuthize engqondweni yami. Umkami, emuva lapho, uyakukhumbula kahle. Ngibe nenhlanhla yokuvakashela ibandla elidala lasePisgah, isikhungo seBhayibheli eCalifornia. Ngibe nenkonzo eyodwa yasebusuku nabo. Leyo ngendala, indlu yamandla yasekuqaleni. Indawo emangalisa kanjani pho! Ngihlangane nomelusi, uMfowethu Smith. Niyazi, babhala iphepha. Banosizo. Abathathi minikelo. Yonke into imahhala. Futhi sebebekhona iminyaka eyevile emashumini amahlanu. Lasungulwa udokotela owayekhubazekile, weza eCalifornia ukuzofuna usizo. Udokotela wathi, "Akukho ongenzelwa khona."

Ngikholwa ukuthi kwakunguDkt. Price ongasekho noma omunye umuntu, owamkhulekela, phezulu egumbini ngokunye ukusa. Akatholanga miphumela, kubonakala sengathi, khona lapho. Lokho akusho lutho. Ngakho-ke, waqala waphuma. Wathi, "Ngandlela-thize, enye, ngiyakholwa, noma kunjalo." Futhi lapho eqala ukunyathela unyawo lwakhe lusuke esivimbelweni, umlenze wakhe okhubazekile waluleka. Wasungula iPisgah Home.

106 Ngobunye ubusuku ngangingapheseya laphaya, ngishumayela. Babeminyene kulelohholo elikhulu, futhi amakhulu aphindwe ngamakhulu emile kuzo zonke izitaladi nakho konke, lapho bengene ngemuva. Futhi ngemuva kokuba uMlayezo wawusuphelile, okuthize kwenzeka, izinto ezimbili engingakaze ngizibone ngaphambilini empilweni yami. Babengesona nje isigejane sabantu abathanda ukwenza umsindo omkhulu. Babengesona isigejane sabantu abahlala, boma. Babengabantu abagcwaliswe ngoMoya. Futhi ngiyayijabulela leyo nhlanganyelo emangalisayo. Futhi ngenkathi sasise . . .

107 Ngaphambi nje kokuba ngangizokhulekela abagulayo, baqala ukucula into emnandi njengaleyo. Futhi ngama, futhi ngamangala. Ngathi, "Kunokuthile okwenzekayo lapha. Angiqondi." Ngalalela futhi, futhi ngezwa amakhwaya amabili. Ngathi, "Kufanele ukuthi kukhona okungalungile." Futhi nganikina ikhanda lami. Futhi, ezindlebeni zami, futhi. Ngathi, "O Nkosi, mhlawumbe ngukuwawaza komsindo okuvela kulekhwaya *lapha*." Ngizwa enye phezulu *lapha*, phezulu le, ezindongeni zendlu eziphakeme kakhulu. Ngathi, "Kufanele kube phezulu lapho." Ngakho ngaphuma kulowomgodi wabefundisi, phezulu lapha endlini engaphansi yekhwaya. Kwakuphezulu lapho.

Futhi nga—ngathi kumkami, ngathi, "Uyakuzwa lokho, s'thandwa na?"

Wathi, "Yini leyo na?"

"Dadewethu u-Arganbright," ngasho, "uyakuzwa lokho na?"

Wathi, "Yebo. Ngake ngakuzwa kanye ngaphambilini, empilweni yami."

Ngaya ngale kuMfowethu Arganbright, "Uyakuzwa lokho na?"

"Yebo."

108 Wonke umuntu ekhothamise amakhanda abo, becula. "O," ngathi, "mhlawumbe . . . ngi—ngifuna ukuqiniseka. Angifuni ukunqikaza, kodwa, Nkosi, uma ngingufakazi waKho, uma ngizoba ngumlindi, ngizofanele ngazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngizofanele ngiqiniseke ngalokhu."

109 Njengokuphulukisa kukaNkulunkulu, uma ngingaqinisekile, angizukusho lutho ngakho. Uma ngingaqinisekile ukuthi lokhu ukuFika kweNkosi, bengingeke ngisho lutho ngakho. Ngifanele ngiqiniseke.

110 Ngabuyela phansi emgodini futhi. Wonke umuntu namakhanda abo ekhotheme.

111 Futhi ukubizela e-altare, abantu abaningi babeka izandla zabo ewindini, beza kuKristu. Futhi babecula. Ngenkathi ngifika ezansi lapha, ngathi, "Nkosi, angeke kube njalo. Laba bantu abacula ezansi *lapha* singabantu nje abajwayelekile, kodwa lokhu phezulu *lapha* bekuzwakala sengathi bekungambalwa . . . Mhlawumbe ezimbili noma izinkulungwane ezintathu zicula, *lapha*, kodwa kubukeke sengathi mhlawumbe kuzoba izinkulungwane eziyikhulu phezulu *lapho*." Futhi bekungamanye amazwi amnandi ukuwedlula onke, isoprano ephakeme ngempela, njengamaphimbo abesifazane. Ngalalela, futhi kwenza uhlevane lwaqubuka kimi.

112 Ngabuyela emuva futhi umzuzu nje. Ngalalela. Ngakhuphukela, phezulu. Ngabuya, ngoba babelokhu

beqhubeka nje becula eMoyeni. Ngaphinde ngalalela. Kwakungesilo *leli*phimbo. Ngangibezwa ezansi *lapha*, uhlobo olulodwa lwephimbo; nalokhu phezulu *lapha*, olunye uhlobo lwephimbo.

113 Ngakho lapho inkonzo isiphelile, ngathi kumelusi, "Melusi, ngizwe okuthile okuxakile."

Wathi, "Bekuyini, Mfowethu Branham na?"

114 Ngathi, "Ngizwe amaphimbo e—esoprano abesifazane, emaphimbweni aqeqeshwe kakhulu, athandeka kakhulu engake ngawezwa empilweni yami, phezulu *lapho*."

115 Wathi, "Ezwakale izikhathi eziningi lapha, Mfowethu Branham."

116 Ngangifunde ngomama omdala . . . O, ngiyalikhohlwa igama lakhe manje, owayejwayele ukukhulekela abagulayo. Futhi ngobunye ubusuku emva kokuba umelusi wayeseyivalile intshumayelo yakhe, umama omncane wehlela ezansi ukuba ayokhulekela abagulayo. Wayenabayisihlanu noma abantwanyana abancane abayisithupha ngakuye, kanye naye. Futhi wama futhi walalela phezulu. Futhi nguNkk. Woodworth-Etter, uma nonke senake nayifunda incwadi yakhe. Futhi wezwa, wathi, "Ikhwaya icula ngaphezu kokucula ebandleni."

Emva kokuba amaphimbo eseyekile, phansi *lapha*, Kwakusalokhu kuqhubeka kucula, niyabo. Futhi ngama lapho.

117 Futhi nje khona-ke, emuva le kwingemuva lendlu . . . Niyabona ukuthi kuhleleke, ngokuphelele kanjani na? Manje, ngi—ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi. Ngiyakholwa ukuthi kuyisipho sikaNkulunkulu, esisebandleni. Ngiyakholwa ukuthi sisetshenziswe ngokungafanele njengeminye imiBhalo usetshenzisiwe ngokungafanele, kodwa ukhona owangempela. Yebo. Futhi lomuntu wasukuma ngemuva endlini, emuva le, futhi washo cishe ngamane noma amagama amahlanu ngolunye ulwimi. Hhayi—hhayi nje . . . Kwaku—kululwimi lwesigodi. Wawungezwa. Wonke umuntu wayethule.

118 Futhi Okuthile kwahamba phezu kwami, angikaze ngibe nencazelo, empilweni yami. Futhi angizange ngikusebenzise ngaleso sikhathi, ngoba ngangesaba. Lezo zinto ngezikaNkulunkulu. Kungcono ungazikhohlisi ngazo.

119 Futhi Okuthile kwathi kimi, "Umelusi uzokhuleka umkhuleko wokukholwa." Ngangifanele ngivale umlomo. Futhi ngalinda. Futhi naKhu kufika futhi, igagasi liza ngapho, futhi lathi, "Umelusi uzokhuleka umkhuleko wokukholwa."

120 Ngacabanga, "Nkosi, anginazo iziphiwo zokuhumusha. Esami ngukukhulekela abagulayo, ngakho anginazo izipho zokuhumusha." Futhi ngaphinda ngavala umlomo wami futhi ngama ngathula.

121 Futhi khona-ke nje umelusi wasukuma wase eqala ukukhulekela abagulayo. O, UnguNkulunkulu! Ukugula kwaphulukiswa, kuyo yonke indlu, ndawo zonke. Kuyini na? Ukusa kosuku. Kusenegatsha elincane elisasele. Ungakhathazeki. UNkulunkulu akakaze angabi nofakazi.

122 Ngithemba manje ukuthi okunye okuyimfihlakalo okukhulu, ndawo ndawo, mhlawumbe hhayi ngephimbo leNgelosi, kodwa into ethile izovumela sonke isoni, uma singaba khona esinjalo kulendlu, sazi ukuthi ubusuku buyasondela ngokuba mnyama kube mnyama phezu komhlaba, futhi ubumnyama obuyisigayegaye. Kodwa ukuFika kweNkosi sekuseduze, lokho okukwenzayo. Futhi njengomlindi wenu, bengingathi, "Ukusa kuyeza." Lungani, zinkanyezi zokusa, khanyani!

123 Bangaki abathanda ukukhunjulwa emkhulekweni wokuvala ngaphambili kokuba sihambe na? Phakamisa nje isandla sakho.

124 Nkulunkulu othandekayo, Uyabona abantu njengoba bephakamisa izandla zabo. Futhi baqotho kulokhu. Abaningi balabo abahlola amaphephandaba, bahlole osiyazi bokudabuka kwezinto, izincwadi nezindatshana zezinto ezahlukahlukene, kepha nokho angeke bathole mpendulo. Kodwa nakhu kuyeza, kulokhukusa, eBhayibhelini. "Ukusa kuyeza, nobusuku buyeza futhi." Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa wonke umuntu lapha, abaphakamise izandla zabo. Futhi Uyazi ukuthi yini engemuva kwalesosandla esiphakanyisiwe. Futhi, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi khona lapho abahlezi khona manje, ukuthi uNkulunkulu osezindaweni zonke angakwehlukanisa kubo ifa labo loMoya lowo abawufunayo ngalelihora. Banikeze ngamunye, Nkosi. Ngenxa yeZwi laKho nesifiso sabo, nangesithembiso saKho sobuNkulunkulu esingasoze sehluleka, kwangathi bangakwemukela lokho abakuphakamisele izandla zabo, njengoba nginikela lo mkhuleko esikhundleni sabo. EGameni leNkosi uJesu, kwangathi bangakwemukela. Amen.

UNkulunkulu abe nani.

125 Manje sinesikhashana esincane nje se. . .Manje sizokhulekela abagulayo. Ngijabule kakhulu ukwazi ukuthi kunethemba ngabagulayo. "NgiyiNkosi Ethethelela bonke ububi benu, Eyelapha zonke izifo zenu."

126 Futhi mina, ngokuxakile nje njengoba kunjalo, nginyakazisekile esikhashaneni esedlule, ngomama omncane olele kuloluhlaka. Futhi uyi—uyisisulu sesifo seHodgkin. Futhi ngikholwa ukuthi ngunina ohlezi lapha naye. Ngiqinisekile impela. Yebo, kunjalo, ukuthi lo mama ubengitshela ngomntwana wakhe, futhi bengizama ukumkhuthaza.

127 Futhi nje ukubiza, futhi, emva kwalo mlayezo. Ngizwa ukuthi insindiso yinto yokuqala. Ukuphulukisa kungokwesibili. Ukuphulukisa kungahle kuhlale kuze kube sekugcineni

kwempilo yakho, iminyaka eminingi. Kungahle kukunikeze injabulo nentokozo ngenkathi niselapha emhlabeni, kodwa kuzokhawuka neyenu. . .nokufa kwenu. Kodwa umphefumulo osindisiwe, unokuPhila okuPhakade. Awusoze wabhubha, noma akukho lutho oluyoke lukususe kini. Sekuhambile kwangena eziNcwadini zikaNkulunkulu, ukuba kuvuswe ezinsukwini zokugcina. Into enkulu yinto yokuqala, "Okokuqala, uMbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe, ezinye izinto zizokwengezwa."

128 Ngingathanda nje ukunikeza ubufakazi obubodwa bokuphulukiswa kwalesisifo esesabekayo leso lona wesifazane osemusha esimphethe. Futhi kwaba nesikhathi esithile esedlule. . .Bangahle babekhona kulokhukusa. Angikho lapha kaningi kakhulu ukwazi ukuthi ngubani owubani. Abaningi benu angibazi. Kodwa kwakukhona intombazane encane lapha esikoleni sethu esiphakeme. Futhi yayiphethwe yilesi isifo seHodgkin, futhi yayiswa kudokotela, ngalezi zigaxa ezinkulu zanda kuyo. Futhi bathatha uphisi wesigaxa futhi bawuthumela, ukuthola ukuthi kwakuyini. Futhi kwabuya, "Isifo seHodgkin esingelapheki."

129 Futhi umama wayengafuni ukuthi umntwana azi ukuthi kwakuyini inkathazo yakhe. Futhi odokotela beluleka umama ukuba nje avele amyekele aqhubeke aye esikoleni, ngoba wayenezinsuku eziningi kakhulu ukuba aphile. Ekugcineni kwabhobokela enhliziyweni. Futhi isifo seHodgkin ngumdlavuza, siyakwazi lokho, ngesimo. Ngakho-ke bathumela i—intombazane encane esikoleni, ukuyidedela ife.

130 Futhi umama wayengophiyazayo. Futhi wangishayela ucingo, futhi wathi, "Ngifuna ukuyiletha. Kodwa ngiyaqonda, Mfowethu Branham, ukuthi emigqeni yakho yomkhuleko, isikhathi esiningi, ubiza izifo ziphume uma unokuphefumulelwa kukaMoya." Wathi, "Ungaba nomusa kakhulu, uma uMoya oNgcwele wembula noma yini ngomntwana, ukuba ungakusho na?"

131 "Awu," ngathi, "angicabangi ukuthi Ubengakwembula, uma Engafuni ukuba kwaziwe." Ngathi, "Ngicabanga kanzima kanjalo. Futhi etabernakele lami lapha, akuvamile ukuba ngibe nalezo uhlobo lwemihlangano." Ngathi, "Ngikhulekela abagulayo nje."

132 Futhi inenekazi eliselisha lingena emgqeni. Futhi ngabuza unina, "UngumKristu na?"

Wathi, "Qhabo."

Ngathi, "Ngabe intombazane ingumKristu na?"

"Qhabo."

133 Ngathi, "Leyo yindlela esabekayo ukuhamba uphumele ezweni." Futhi ngathi, "Angeke uphinde uyibone, uma ihamba ikuleso simo."

134 Ngakho lapho inenekazi lenyukela egumbini ngalokho kusa. . . Futhi ledlula khona ngakulendawo efanayo lapho intombazane esencane yakhulekelwa khona; ngakho-ke le ntombazane izobanjalo, emizuzwini embalwa. Ngayibuza. Ngangiyazi. Futhi ngathi, "Ngabe uyinenekazi elivela esikoleni esiphakeme lapha na?"

Yathi, "Ngiyilo."

Ngathi, "Uyazi ngokugula kwakho na?"

135 Yathi, "Odokotela bangitshela ukuthi bacabanga ukuthi ngizophila."

136 "Awu," ngathi, "kanjani-ke uma ungaphili na? UngumKristu na?"

Yathi, "Qhabo, mnumzane. Angisuye."

Ngathi, "Ungathanda ukuba ngumKristu na?"

Yathi, "Ngingathanda."

137 Futhi ngathi, "Ubungayinikela inhliziyo yakho kuKristu na?" Futhi yathi yayingakwenza. Nonina wagijima wenyuka wathi naye wayezokwenza naye. Okungukuthi, ngababhaphathiza bobabili khona lapha echibini. Ngakhulekela intombazane esencane.

138 Futhi isikhathi saqhubeka. Futhi ekugcineni intombazane iqala ukuba ngcono, emuva kwezinsuku ezimbalwa, yona ingazi ukuthi yini eyayingalungile. Futhi emuva kwesikhashana, bayithatha bayibuyisela ekuxilongweni, futhi abawutholanga umkhondo waso, nhlobo. Kukhona i . . .

139 Angithandi ukukhuluma izinto zokuzikhukhumeza ngabantu, kodwa ngiyathanda ukuba qotho ngabantu. Kunendoda kuleli dolobha, eyaziwayo kakhulu, futhi umfowethu ongumKristu okahle, kungenjalo ibingeke ibe yidikoni laleli bandla. . . ngiqonde, umphatheli webandla. Futhi ikhona manje. Futhi yavele nje yakuthatha kwaba kuyo uqobo ukugcina i-udaba lwaleyontombazane. Kwakuyiminyaka kamuva, emibili noma iminyaka emithathu kamuva, inenekazi lase lisiqedile isikole salo futhi lalihamba nomfana.

140 Futhi ngahlangana nalo esitaladini ngelinye ilanga, futhi lalijabule kakhulu, futhi lafakaza ngenkazimulo namandla kaJesu Kristu, emva kokuba babelitshelile ukuthi kwakuyini. Intombazane ishadile. Inabantwana. Futhi ihlala ngokujabula.

141 Futhi uyise uyafika endaweni yebhizinisi lalendoda, ukuba azogunda izinwele zakhe. Futhi uMnu. Egan lapha, obe—obekade elokhu eqhubeka nodaba sonke lesi sikhathi. Futhi intombazane iphilile saka. Futhi sekube yisikhathi

esingakanani, Mfowethu Egan na? Iminyaka eminingana edlule, bekungenjalo na? [UMfowethu Egan uthi "Emine, emihlanu, iminyaka eyisithupha edlule."—Umhl.] Futhi iyaphila namhlanje, ebufakazini bokuthi uNkulunkulu uyasiphulukisa isifo seHodgkin.

142 O, kuhle kakhulu ukwazi, ukuthi emahoreni osizi, ukuthi sinesiphephelo. Leso siphephelo nguKristu.

143 Ngifuna ukubika ngenzele nje . . . kini nonke, into ethile encane emhlanganweni, okusanda kwenzeka nje. INkosi yayinhle kakhulu ekuphenduleni kuyo yonke imikhuleko yenu, njengoba ngiye eNtshonalanga ngiyela umhlangano khona manje nje, emavikini ambalwa edlule, amaviki amabili. Futhi ngenkathi siseTulsa, engqungqutheleni, ngangizo . . . ngangingezukukhuluma, ngoba . . . ngangizoba nomhlangano lapho. Kodwa abefundisi babenezinye izimvuselelo ezaziqhubeka, ngakho-ke ngangingeke ngibe nomhlangano ngaleso sikhathi. Kodwa ngedlula, ukuthatha uMfowethu Arganbright, ukumyisa eCalifornia; unkosikazi nami, noJoseph omncane.

144 Futhi ngalobobusuku, ngenkathi singena sekulayethi, ngakuqonda ukuthi u-Oral Roberts noTommy Osborn babezoshumayela ngalobobusuku. Ngakho uMfowethu Arganbright washayela emahhotela waze wathola lapho sasikhona, wayesethi, "Wozani nehlele emhlanganweni." Ngakho weza ngapha, yena noMfowethu Sonmore, iChristian Business Men, inhloko yomkhandlu wezikhulu zesonto eMinneapolis. Be—beza ngapha benzela mina.

145 Futhi ngangena, futhi base bevele benedina, e—endlini yokudansela eMayo, indawo enhle. Osozigidigidi behlezi lapho. Futhi ngakho-ke niyazi ukuthi bengingazizwa kanjani ukuya endaweni enjalo. Ngangingazi ngisho ukuthi imimese nezimfologo zisetshenziswa kanjani ababenakho etafuleni. Kodwa ngangena.

146 Futhi ngenkathi sengingenile, u-Oral Roberts wayeshumayela. Futhi wayeshumayela ngobuningi bempilo, ngobuningi, futhi etshela iChristian Business Men, ukuthi, "UJesu wabamba izinhlanzi, wazifaka emanethini, futhi wayenezininingi kunalezo ababe—ababengazisebenzisa." Futhi uMfowethu Roberts uyisikhulumi esinzima, njengoba nazi. Futhi wathi, "Kunokuningi kakhulu kwawo wonke umuntu." Futhi wathi, "Manje, ngakha i—ithempeli ngapha, mhlawumpe kubiza izigidi zamadola." Uthi, "Lakhiwe ngemabula emhlophe." Futhi wathi, "Ngaba nalo cishe ingxenye, futhi ngaphelelwa yimali." Futhi wathi, "Khona-ke ngahamba nganqamula isitaladi isitaladi ngelinye ilanga, ukuba ngilibuke, futhi udeveli wathi, 'Uyazi ukuthi na? Abantu bazodlula bese bethi, "Yilokho u-Oral Roberts akwenza."'"

147 Wathi, "Khona-ke ngathi kudeveli, 'Kodwa bazofanele bathi, "U-Oral Roberts uzamile."'" Lokho kuhle. Futhi wathi, "Khona-ke kwakubekwe phezu kwenhliziyo yomnini-bhange, lapha edolobheni, ongiboleke ngaleya, cishe, amadola ayizigidi ezimbili ebhange, ukuqedela isakhiwo." Amabhange awakwenzi lokho. Uyakwazi lokho.

148 Futhi wathi, "Lowo somabhizinisi othile, umnini-bhange, uhlezi ukhona manje." Wathi, "Angifuni ukubiza igama lakhe, ngoba ngempela akasuye owabantu beVangeli eligcwele. Kodwa," wathi, "ulapha." Futhi wathi, "A—Angicabangi ngisho ukuthi uzisho ukuthi ungumKristu. Kodwa," wathi, "okuthize kwanyakazisa inhliziyo yakhe, futhi wangivumela ngibe nayo imali." Wathi, "Uma efuna ukusukuma," washo, "ubengasukuma, kodwa angizukuyihlambalaza indoda."

149 Indoda yasukuma, yathi, "Angihlambalazeki, Mnu. Roberts," yase ihlala phansi.

150 Ngase-ke ngiyangena, futhi ngangihlezi phansi. Khona-ke uMfowethu Roberts, ngokushesha nje eseqedile, weza ngapha futhi wangixhawula, futhi wangidonsela phezulu ezingalweni zakhe. Futhi nje imizuzu embalwa, khona-ke, kusobala, abantu abaningi bayeza, niyazi, bekhuluma ngenkathi sasisadla, futhi befuna imihlangano nokunye nokunye, nabefundisi.

151 Kwase kuthi-ke uDemos Shakarian wasukuma. Ungumongameli weFull Gospel Business Men. Futhi wasukuma futhi wathi, "Niyazi, ngizwa nje ngiholeleka ekutheni uMfowethu Branham uzofanele asishumayelele, kulobubusuku, umyalezo wokugcina."

152 Awu, angazanga ukuthi ngithini. Futhi waqala ukukhuluma ngamadoda ngaleyonkathi ehlezi lapha, wathi, "Nangu u*S'bani-bani*. Ngihlangane naye namuhla." Bebengitshela ukuthi bangabanikazi balelibanga lezindlu ezintathu noma ezine ngokuphelele zeMiracle Mile. Osozigidigidi nabantu bezinkomo, nokunye nokunye, futhi bengingathini emhlanganweni onjalo na?

153 Kodwa, niyazi, kuhlale kukuhle ukukwedlula konke ukuhlonipha. Ngakho-ke ngasukuma ukuba ngikhulume okuhle kunakho konke ebengingakwenza. Futhi ekupheleni kwenkonzo . . . Konke sekuphumile enqubweni ukunikeza ukubizelwa e-altare endaweni enjalo. Kodwa, niyazi, ngenze ukubizela e-altare ezinkonzweni zomngcwabo. Ngakho-ke ngacabanga, "Nanti ithuba elihle." Futhi nge—ngenza ukubizela e-altare. Futhi onke lawo madoda acebile nabesifazane beza eNkosini uJesu, futhi banikela izinhliziyo zabo eNkosini.

154 Ngamangala ngosozigidi oyedwa, unkosikazi kasozigidigidi efake esincane isigqoko, nezimpaphe ezihlotshisiwe phansi ngaseceleni, mhlawumpe sasimbize amadola ayikhulu. Futhi izinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Wangibamba ngesandla,

wathi, "Mfowethu Branham, inhliziyo yami inyakazisiwe." Wathi, "Bengicabanga ukuthi bengingumKristu, kuze kube manje." Wathi, "Ngifuna ukukhonza iNkosi."

Futhi ngathi, "Ngiyabonga."

155 Futhi khona-ke emizuzwini embalwa, Okuthile kwathi kimi, "Khulekela abagulayo manje."

156 Ngacabanga, "O, qhabo. Angeke ngikwenze lokho. Sengivele ngiyiphazamisile . . . lendlu enkulu yokudansela. Ngakho-ke uma ngikhulekela abagulayo, bazocabanga ukuthi ngempela ngiwuhlanya." Ngakho ngacabanga, "Impela iNkosi ibingeke ingitshele lokho. Mhlawumbe sengisetshenziwe wonke ngenxa yalokhu kuphenduka, ngakho-ke ngizothi shelele futhi ngihlale phansi."

157 Futhi ngehlela phansi ngasetafuleni lesikhulumi, ngaqhubekela ezansi khona impela ekugcineni, futhi ngahlala phansi noMfowethu Jack Moore, wayehlezi lapho, ekhuluma. Futhi ngabuyisela inkonzo emuva kumongameli, uMnu. Shakarian.

158 Khona-ke lapho e—esukuma, futhi wathi, "Niyazi ukuthini na?" O, uNkulunkulu kufanele ukuthi wamthinta ehlombe. Wathi, "Ngizwa ngiholeleka ukuba uMfowethu Branham abuye futhi akhulekele abagulayo."

Ngacabanga, "O, kunjalo impela."

159 Futhi ngasukuma futhi ngabatshela. Futhi ngathi, "Ngikuzwile lokho. Futhi ngiyakhuleka Nkulunkulu ngithethelele. Kodwa kungcono uma othile ethintiwe, futhi, niyazi, kusenza sonke kanyekanye sazi ukuthi ngukusebenza kukaMoya."

160 Ngakho ngathi, "Manje, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akusikho ukuthinta isigxobo esiqoshwe umfanekiso wesilwane esiwuphawu lwesizwe. Akuyona nje into ecatshangelwayo. NguNkulunkulu ofanayo owasindisa bonke lababantu lapha esikhashaneni esedlule. UnguNkulunkulu ofanayo ophulukisa bonke abantu olapha, ngokukholwa okulula nje uMkholwa." Ngathi, "Niyakukholwa na?"

161 Futhi manje emfihlakalweni, ebandleni lami. Njengoba nazi, inkonzo yami iyashintsha, futhi, o, ushintsho oluyinkazimulo kanje pho! O! Nonke niyawakhumbula aMazwi akade ekhala. Futhi njalo uma kwenzeka, okuthize kuyenzeka, lapho ngingena ukuzokhuluma ngalokho, kuza—kuza kimi, "Yisho kulentaba." Kungani kube njalo na? Bekuwukukholwa. Noma yini ingokukholwa. Ukukholwa akusiyo into oyisebenzayo. Ukukholwa yinto onayo.

162 Futhi ngacabanga, "Uma . . . bengihlala njalo nginamahloni ngokukholwa kwami, ngabantu, ngokuhle njengoba iNkosi ibinjalo."

163 Ikhombise izinto, ikhulume imibono. Yonke into ibiphelele. Nina bantu niyakwazi lokho. Akusuyena umuntu ngamunye. Akusuyena umuntu. NguNkulunkulu okwenzayo.

Futhi lesi sithombe *lapha*, sihambe kanjani ezweni lonke!

Lezo eziseJalimane!

164 Futhi lapha emavikini ambalwa edlule, mhlawumbe izihambi lapha azikaze zisibone, zithole esinye. Nginakho ekhaya. Yinganhlanye leNkosi uJesu imi ngemuva ngqo lapho engangimi khona. Nezandla zaYo ziphumile, nezinkotha zoMlilo zindiza zisuka esandleni saYo, ngenkathi ngisakhuluma ngendaba ethi, "Yithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa kholwa." Futhi sinakho. Kuse Techni-. . .Imibala yeKodachrome. Futhi banakho manje ekhaya. Futhi benza. . .Sekuhloliwe manje yisayensi, nokunye nokunye, futhi izindlu zokucwaningela. Kuzophuma maduzane, okunye, okwenza cishe okuyisithupha kwakho manje ezindaweni ezehlukene, ezithathiwe.

165 Lokhu okugqamile kakhulu kwakho konke, akukaze kubonwe. Nansi intshebe yaKhe—yaKhe, ubuso baKhe, inganhlanye laKhe, izingalo zaKhe zilenga. Futhi ngangimi phakathi ngqo *kanje*, futhi lapho Ayenezingalo zaKhe, angeke ubone ngisho indawo yami, kanjalo; ikhanda lami, bese-ke kuba izinyawo zami phansi kwiphansi, ikhanda nezinyawo nje, yilokho kuphela okwakusele. Niyabo? Futhi U—futhi Umile nezingalo zaKhe ziphumile *kanjena*. Futhi ngelula izandla *kanjena*, ngishumayela, ngithi, "Yisho kulentaba." Futhi ngalesosikhathi, okuthize kwenzeka. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Futhi bathwebula isithombe saKho. Futhi Kwakulapho, ngemuva, sonke sinemibala. Futhi esikhulu, ngakho-ke njengoba uNkulunkulu ehlela, ubhasikidi omkhulu weminduze ikala uhlezi usondele.

166 UnguMnduze weSigodi. Futhi usitholaphi isidambisi-zinhlungu na? Siphuma kwiminduze. Kunjalo. Yisiphi isiDambisi-zinhlungu uNkulunkulu anaso na? Ukuthula. Isidambisi-zinhlungu sikwenza nje ukhohlwe yizozonke izinkathazo zakho. Isidambisi-zinhlungu kwababhemayo, bazibulala kanjalo ngalesosidambisi-zinhlungu. UNkulunkulu unesiDambisi-zinhlungu. Amen. Udambisa bonke ubuhlungu, uphulukisa konke ukugula, ususa konke ukukhathazeka. Inqobo nje uma siphefumulela esiDambisini-zinhlungu saKhe, sinokuthula.

167 Futhi ubhasikidi omkhulu weminduze uhleli ngaphambili ngqo, lapho ngangikhuluma khona, emsamo.

168 Futhi ngakhulekela abagulayo, lapho eTulsa, futhi ngavele nje ngehla futhi ngaphuma. Futhi cishe imizuzu eyishumi kamuva. . .

169 Angeke ngifune ukubiza igama lo mvangeli. Kodwa owesifazane owayenesifo samathambo somgogodla, owayesebenzela lomvangeli, wayengoloba ngokusheshisa onciphisa amazwi. Futhi wayedingeke ukuba akuthayiphe *kanje*, ngoba izingalo zakhe namahlombe kwakuboshiwe. Wayethayipha *kanjalo*. Futhi lona—lona omkhulu nomvangeli odumile lapho eTulsa, wayemqashile emsebenzini wakhe, ukumnika umsebenzi.

170 Futhi waqala ukuhamba ehla ngehholo. Futhi khona manjalo izingalo zakhe zaxega, futhi uqala ukugxuma nokumemeza, waze wadonsa ukunaka kwawo wonke umuntu phezulu lapho. Futhi lowo wesifazane othandekayo ewa ngamadolo akhe, futhi ephakamisa izandla zakhe futhi ezishaya *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kathathu—Umhl.] Inkazimulo kaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wayemkhululile, imizuzwana embalwa nje emva komkhuleko.

171 Futhi ngathi nyelele ngangena, ukulalela nokubona ukuthi wayethini. Wathi, "Bengizihambela nje ngehla ehholo."

Futhi ngathi, "Awu, makabongwe uNkulunkulu."

172 Futhi ngaphenduka, ngaqala ukuhamba ngenye indlela. Futhi ngezwa, ezansi le lapho, ngibone zonke izoni zigijima ndawonye, ukubona ukuthi kwakuyini indaba. Futhi nanso indoda ithatha indawo, uMfowethu Gardner, yona kanye indoda enginikeza le sudu.

173 Abaningi benu bayamazi uMfowethu Gardner. UMfowethu Gardner, eBinghamton, eNew York, umthengisi ogqamile wase-Oldsmobile weminyaka emithathu edlule, wathengisa izimoto eziningi zase-Oldsmobile kunanoma yimuphi omunye umuntu e-United States. Futhi undiza ngendiza yangasese. Futhi ngaphezu kancane konyaka odlule. . .Igama lakhe nguGeorge Gardner. Futhi yena . . .

174 Umshayeli wendiza, eyedwa, waye yedwa, futhi wawa, futhi ibhanoyi. Futhi kwaqhumisa amadolo akhe, amaqakala akhe. Futhi imilenze yakhe nezinyawo kwakugongobele, futhi yena wayehamba *kanjena*, indiza yakhe.

175 Futhi wayekhona ngenkathi kwenziwa umkhuleko, futhi wayephumile ehholo lapho kwakukhona idili. Futhi babemtholele igumbi eliseduze, futhi, ukuze angeke abe nenkinga yokuhamba aye emuva naphambili. Futhi lapha kwakungubufakazi bakhe. Wayeye egumbini lakhe futhi wahlala phansi; engesiye ngisho umKristu. Futhi wathi, "Ngandlela-thize, ngiyamkholwa lowomfo omncane onempandla oshumayele phezulu lapho kulobubusuku." Futhi wathi waqala ukuqaphela izinzwane zakhe ziqala ukuqhaqhazela. Futhi wagxuma wema ngezinyawo zakhe, ephilisiwe ngokuphelele.

176 Emile phandle lapho, edumisa uNkulunkulu, emi, ephakamisa imilenze yakhe eyehlisa futhi eyenyusa *kanjalo*, futhi emaceleni ezinyawo zakhe nakho konke, efakaza nje enkazimulweni kaNkulunkulu.

177 Kanye futhi, ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo. Ngangihlala noMfowethu Arganbright. Futhi umngani wami omuhle, uLeo noGene, uyazi ukuthi ukushaya izingcingo kuyini. Ubhubhuzisa ucingo, futhi uMfowethu Arganbright wayeluphendula. Futhi, uyazi, angeke ube kuyo yonk'indawo. Kodwa, kwenzeka ukuba, ukuthi ngalubamba ucingo.

178 Ngiyakholwa ukuthi yonke into isebenza ngendlela eziqondelanayo kaNkulunkulu. Anikukholwa na? Ngiyakholwa yingakho inenekazi lilapha. Ngikholwa ukuthi yingakho nonke nilapha. Ngikholwa ukuthi yingakho ngilapha, ukuthi sihlangane ndawonye ngenkazimulo kaNkulunkulu, ngesizathu esithile. Kungani size ngapha ezindaweni ezino-ayisi, ukuba lapha kulokhukusa na?

179 Ngakho-ke ngabamba ucingo, ngoba uMfowethu Arganbright wayengekho egumbini. Futhi lwathi, "Ngithanda ukukhuluma noMfowethu Branham."

Ngathi, "NginguMfowethu Branham."

180 Wayeyindoda yaseSpain. Wathi, "Mnumzane, ngiyazi akunangqondo, cishe impela, kimi ukuba ngibuze umbuzo engizowubuza." Wathi, "Sengiyabona ukuthi abantu badonsa kanjani, kanjalonjalo. Kodwa," yathi, "Ngiyisithunywa senkolo eMexico." Futhi wathi, "Emuva lapha, ngihlala lapha eLa Crescenta. Futhi ngisanda kufunda nje, emahoreni ambalwa edlule, ukuthi ubukade usedolobheni." Futhi wathi, "Ngibuyise ingane yami, ukuzama ukuyiletha kuwe noma kuMfowethu Roberts, noma abanye babazalwane bakho okhulekela abagulayo." Futhi wathi, "Ngokuthi yingane yami, ukukholwa kwami, ngiyacabanga, bekuthe ukuba buthakathaka kancane." Wathi, "Ingane yami ayikakabi nezinyanga ezine ubudala futhi ibulawa ngumdlavuza."

Futhi Okuthile kwathi kimi, "Yana kuleyongane."

181 "Awu," ngathi, "mnumzane, ngizothola uMfowethu Arganbright, futhi ngitshele ukuthi ingane ikuphi, ngizohlangana nawe." Ngakho-ke uthola . . . ngithola uMfowethu Arganbright, futhi uyamtshela.

182 Ngakho sangena emotweni futhi sehla. Futhi ngahlangana nonkosikazi wakhe omncane. Futhi yena engumMexico, nakuba engabukekanga. Wayenesikhumba esimhlophe, esikhanyayo, kodwa wayengumMexico. Okungukuthi, abaseMexico, izikhathi eziningi, banezinwele ezimhloshana, ngoba baphuma phakathi kwabaseSpain namaNdiya. Futhi kukhona amanye alawo maNdiya anezinwele ezimhloshana, ezimhlophe njengeqhwa. Futhi khona-ke umkakhe wayengowaseFinland, enezinwele

ezimhloshana eziqinile impela, owesifazane omncane onomoya omuhle impela.

183 Futhi ngaya naye esibhedlela, ukuyobona ingane yakhe. Lapho ngingene egumbini, babenakho eduze kwesizinda sabahlengikazi. Ngokuba, ingane encane, nokho inezinyanga ezine nje ubudala, futhi yazalwa inamathumba ayisimila emihlathini, ayevuvukile cishe amade *kangaka* ukusuka ebusweni bayo, *kanjalo*, engaphandle nje kanjalo. Futhi odokotela babezamile ukukuhlinza. Futhi izibazi ezijulile ezinkulu kakhulu zazisikekile zazungeza umphimbo wayo omncane, kuyo yonke indlela kuzungeze. Akuzange kukumise; kuphela kwakwenyusela olimini lwayo. Futhi imihlathi emincane ilenga *kanjalo*, nezibazi ezinkulu ezijulile. Futhi ulimi lwayo oluncane . . . Umlomo omncane ungengaphezulu *kangako* ngobukhulu. Nolimi lwayo, mhlawumpe lulukhulu *kangako*, luvuvukele, lwaluphushekele ngaphandle kade *kangaka*, futhi lwaphenduka lwaba mnyama. Futhi lwavala ukuphefumula emakhaleni kwehlele phansi, lapho kuvuvuke emankankeni emlonyeni wayo. Futhi kusobala, kwakunqamula umoya wayo, kusukela *lapha*. Kwadingeka basike imbobo emphinjeni wayo. Futhi babenencane impempe yencane . . . njengethini elincane eliyindilinga emphinjeni wayo. Futhi izingalo zayo ezincane zazisemabhandeni, *kanjena*, ukuze ingafinyeleli ukudonsa leyompempe iphume; yayiyoyibinda. Futhi umdlavuza, uyimunca, nomhlengikazi kwakudingeka ame lapho nokuthile ukudonsa ukumunceka komdlavuza kuphume ngempempe, noma bekuyoyibinda ife.

184 Futhi uyise wahamba wazungeza eceleni kombhede, wayesethi, "Ricky, mfana omncane kababayi!" Wathi, "Ubabayi ulethe uMfowethu Branham ukuthi akukhulekele, Ricky."

185 Ngenkathi ethi, "Mfana omncane kababayi," umoya wami wavele wangishiya. Angibange ngisakwazi ukuqhubeka nokukumela. Ngavele nje ngabambelela eceleni kombhede. "Mfana omncane kababayi." Futhi umfo omncane, nokho engomusha njengoba wayenjalo, azi ukuthi kwakungubababayi wakhe. Futhi waqala ukundonda kanjalo, futhi izingalo zakhe ezincane kanjalo. Futhi yena ezama ukumbambatha umfo omncane ekhanda. Ingane encane bandla, izalwe ikulesosimo. Angikwazanga nje ukukhuluma. Ngavele nje . . . Uyazi, uvele nje ugcwale kakhulu, angeke nje usho lutho.

186 Ngabuka phansi, ngabona lezo zandlanyana ezincanyana ziphuma ngaphansi kwalawo mabhande. [UMfowethu Branham wenza umsindo wokundonda—Umhl.] Futhi enza umsindo ondondayo. Futhi ngacabanga, "Akudabukisi yini lokho!"

187 Futhi emva kokuba sengikwazi ukuzimela ngesingami, ngokwenele ukucabanga okuthize, ngacabanga, "Jesu, Uqonde ukuthi Uthola injabulo ngokubona lokho na? Angikukholwa

lokhu. Angikholwa nje ukuthi Uthola inkazimulo ngaleyongane encane ihlupheka kanjalo. Angeke nje kube njalo. Uma kwenza mina, isoni, ngizizwe sengathi ngenze lokho enganeni, bekungenzani kuWe, ingcebo yawo wonke umusa na? Bekufanele kwenzeni kuWe na?" Futhi angibange ngisasho mazwi manje.

188 Wayezama ukudlala nayo, ayithulise. Futhi umzimba wayo omncane ifake inabukeni elincane, cishe nje...Umzimba omncane, nakho konke, kungengaphezu kobukhulu *obungako*. Futhi ikhanda layo kwakuyiyona ngxenye enkulu kunazo zonke, umhlathi wayo uvuvukele ngaphandle kakhulu. Futhi babenokuthile okuzungeze ikhanda layo, ukuvimba ikhanda layo elincane ekuqhumeni livuleke. Niyazi, isidwedwe; imihlathi yayo yayivuvukele kakhulu, iphumile *kanjalo*, ukuyigcina ingaqhumi. Futhi umhlengikazi wayemi lapho.

189 Futhi ngabuka phansi kumfo omncane, ngase ngicabanga, "Nkosi, yini Obungayenza ukube Ubumi lapha na?"

190 Manje, ngiyaqonda ukuthi ngisepulpiti. Futhi ngiyaqonda ukuthi uNkulunkulu ukhona. Kodwa kwabonakala sengathi kimi Okuthile kwakhuluma phansi emphefumulweni wami, futhi kwathi, "Ngilinde ukubona ukuthi uzokwenzenjani ngakho. Nganikela igunya laMi eBandleni." Lapho uyabuya futhi uku, "Yisho kulentaba." "Nganikela igunya laMi eBandleni, futhi ngilindile ukubona ukuthi uzokwenzenjani."

191 Ngiyazibuza uma leso kuyisimo saKhe sokuziphatha mayelana nathi ngaso sonke isikhathi, ukuthi Ulindele ukubona ukuthi sizokwenzenjani. Kuthiwani ngezibonakaliso zesikhathi ebesikade nje sishumayela ngazo na? Ubezokwenzenjani na? Ulindele ukubona ukuthi sizokwenzenjani.

192 Awu, nganginesandla sayo ingane encane esandleni sami, eminweni yami nje, *kanjalo*. Kwakukuncane kakhulu. Ngase ngithi, "Nkosi, yizwa umkhuleko wenceku yaKho. Futhi ngokukholwa, ukuthi ngiyakholwa ukuthi Unguye, ngibeka phakathi kwalelidemoni lomdlavuza nempilo yengane, iGazi likaJesu Kristu. Phakathi kombulali nengane, iGazi, ngokukholwa ngibeka lokho." Futhi angibange ngisasho lutho olunye.

193 Ngavele ngaphenduka futhi ngaqala ukuphuma. Uyise wangilandela. Wathi, "Mfowethu Branham, iNkosi ibekile enhliziyweni yami ukuba ngikunike okwezishumi."

194 "O," ngathi, "mfowethu, ungacabangi ngalokho. Qhabo." Ngathi, "Angiyidingi imali, mfowethu."

195 Wathi, "Kodwa ngonge izishumi." O, imali encane, ngiyakhohlwa manje impela nje, ngikholwa cishe amadola angamashumi amahlanu. Wathi, "INkosi ikubekile enhliziyweni yami ukuba ngikunike."

196 Ngathi, "Ngizokutshela ukuthini. Ngizoyemukela, beseke ngiyibuyisela emuva futhi uyinikeze uRicky omncane laphaya, esikweletini sakhe—sakhe sasesibhedlela. Isizathu, ungumshumayeli. Ngiyazi ukuthi kuyini, ukuthi imali isho ukuthini. Futhi wena, isithunywa senkolo, futhi ngiyazi ukuthi kuthatha imali. Futhi unomndeni, futhi zonke lezizikweletu zikadokotela. Ibuyisele emuva ngqo esikweletini sikaRicky omncane."

197 Wathi, "Angifuni ukwenza lokho, Mfowethu Branham. Ayifanele ukukhokhela odokotela. Eyokukhokhela abefundisi."

198 Futhi ngathi, "Yebo, kodwa ngiyibuyisela emuva ngenzela wena." Futhi ngiyayenqaba.

199 Futhi ngaqhubeka ngakhuphukela endlini, futhi emahoreni athi awabe bambalwa, leyo mihlathi yehla, nolimi lwakhe lwabuyela emuva endaweni yalo ejwayelekile. UNkulunkulu wamphulukisa umfo omncane. Babekhipha impempe ngokusa engahamba ngabo, emphinjeni wayo.

200 Kwethusa yonke iWest Coast. Udokotela odumile wathumela indodana yakhe, kanye nomzukulu wakhe. Futhi banqamula umgwaqo, ngaleya, amashumi amane noma amamayela angamashumi amahlanu ngaphesheya, ePasadena, futhi banqamula umgwaqo lapho engangizodlula kuwo, ukuyokhulekela leyongane ekudlikizekeni kobuchopho. Babeyijove ngomjovo kazifo zonke, futhi kwabangela umdlavuza ukuba uvele emiphumeleni yokuvojwa ngomjovo kazifo zonke enqulwini yayo. Futhi ngineqiniso iNkosi yakuphulukisa.

201 Ngaphambi nje kokuphuma endlini, ucingo lwakhala, lwalulokhu lukhala. UMfowethu Arganbright, ngamuzwa ephikisana nomunye umuntu, wathi, "Qhabo, angeke ngikwenze lokho."

202 Njengoba nje ngase ngingena emotweni, kwakukhona i—imoto eyisteshini wagoni eyenyukayo. Kwakungubani ngaphandle komfowethu omncane ongumMexico nomkakhe! Bobabili bekhala nje futhi bedumisa uNkulunkulu. Wathi, "Mfowethu Branham, ngilethe lezizishumi kuwe."

203 "O," ngathi, "mfowethu, angeke ngikwemukele lokho." Ngathi, "Angeke nje ngikwenze."

Wathi, "Kodwa ngizilethe kuwe."

Wathi, ngathi, "Ngikutshelile ukuthi zifake esikweletini sikaRicky."

204 Wathi, "Kulokhukusa, ngenkathi ngihambile ngiyonika udokotela lezizishumi, ukuba ziye esikweletini sikaRicky, udokotela uthe, 'Awungikweleti lutho.' Uthe, 'Angihlanganise lutho nalokho.' Uthe, 'Leso yisimanga esikhulukazi.' Uthe, 'Ngi . . . Awungikweleti upeni owodwa.'" Ngakho-ke wathi,

"Kuthathe lokhu, Mfowethu Branham. INkosi ingitshele ukuthi ufanele ukuthathe."

205 Ngacabanga, "O, angeke." Ngathi, "Nkosi, angizizweli ukuthi ngikwenze."

206 Khona-ke okuthile kuyafika kimi. UJesu emile ngolunye usuku, ebuka abantu abacebile baphonsa enkulukazi imali yabo eningi. O, babeneningi, ngakho-ke babenikeza eningi. Futhi umfelokazi omncane uyafika nopeni abathathu, futhi kwakuyilokho kuphela ayenakho. Yilokho kuphela ukuphila ayenakho, futhi wakuphonsa phakathi. Manje sasiyokwenzenjani na? "O, dadewethu, ungakwenzi lokho. Hhe-e. Uyazi, asikudingi lokho. Ungakuphonsi phakathi lokho. Lokho ukuphila kwakho konke." Kodwa uJesu wamvumela nje aqhubeke futhi akwenze, ngokuba, "Kubusiswe kakhulu ukupha kunokwamukela."

207 Ngathola izishumi ezincane. Angazi ukuthi ngenzeni ngazo. Ngizozibeka ndawo ndawo, emsebenzini othile wenkazimulo kaNkulunkulu, ndawo ndawo okuhle okwedlula konke engingakwenza.

208 Kuyini na? Yinkazimulo kaNkulunkulu. Ngamandla kaNkulunkulu. Izithunzi ziyawa; uKristu uyabonakala, yingakho izibonakaliso nezimanga zibonakala. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kasishiyagalombili—Umhl.] Yilokho kuKhanya kweNdodana okukhulu kubonakalisa izinkanyezi zokusa, nokuphulukisa emaphikweni aKhe. Futhi uma Ezoletha ukuphulukisa kusukela ekubonakalisweni koBukhona baKhe, Uzokwenza ini uma Efika ngokuba nguMuntu na? Le mizimba yethu ebolayo iyoguqulwa yenziwe ifane noMzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo. Kuyoba njani lapho Efika na? Aze Afike yena, siyabonga ngokuKhanya kweNdodana koBukhona baKhe, njengezinkanyezi zokusa zikhwela izingange zeNkazimulo, futhi zihlezi lapho zemukela ukuFika kwaKhe ngalelihora elimnyama.

Asikhuleke.

209 O Nkosi, siyaKuthanda nje kakhulu kuze, Nkosi, akukho ukusho ukuthi koze kube nini... Asidinwa ukufakaza ngezindumiso zaKho. Kodwa ihora selifikile manje, kunabantu abagulayo abalindile. Uyabazi lobubufakazi. Buyi, ngokwazi kwami, Nkosi, iqiniso impela. Lomshayeli wendiza emile phandle lapho, ekhombisa ukuthi angama kanjani ngezinyawo zakhe, nazo zonke izimo umzimba wakhe owawuyizo; futhi wakhuphula imilenze yebhulukwe futhi wakhombisa amadolo akhe nemilenze konke kwaqhuma futhi kwaba nezibazi, lapho odokotela babezame ukubuyisela amathambo ndawonye. Ubonile owesifazane emile lapho nopende ebusweni bakhe, futhi ugezeka phansi ngezinyembezi zokujabula, lapho exoxa ngesimo sakhe samathambo esiphulukiswe ngaMandla aKho.

Futhi ngaleyongane encane ethandekayo, nobufakazi bukayise nalabo ababekhona.

210 Manje, Nkosi, Umkhulu nje lapha kulokhukusa, lapha etabernakele, njengoba Unjalo noma yikuphi ezweni. Futhi Wethembisa ukuthi lapho siyohlangana ndawonye, ukuthi Uyoba phakathi kwethu. Manje sizobiza abagulayo Obathumele kithi kulokhukusa. Futhi sizobakhulekela, futhi sizokhuleka ngezinhliziyo zethu zonke, umkhuleko wokukholwa. Futhi kwangathi Ungabasindisa abagulayo futhi ubavuse. Futhi uma benze izono, bathethelele, Baba, njengoba sivuma amaphutha ethu komunye nomunye, futhi sikhulekelane. Futhi Wena wathi, "Osebenzayo, umkhuleko woqinileyo olungileyo unamandla."

211 Sazi oyedwa olele lapha nathi kulokhukusa, umama nje omncane nalababantwana abancane. Nkosi, ngokodokotela, yena useduze kokuphela kohambo lwakhe. Kodwa siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzoma phakathi kwakhe nalesositha. Futhi lapho simgcoba futhi simkhulekela, kwangathi aMandla aKho angawuthinta lowomphefumulo wakhe. Lokho okuzoletha ukukholwa nokukhululwa. Futhi kwangathi angaya ekhaya futhi alulame, futhi anikeze udumo, futhi abe yi—yisibonakaliso seNkanyezi yoKusa, enkazimulweni kaNkulunkulu. Amen.

212 Mfowethu Mercier, manje, njengoba sithatha lababantu ngezikhathi ezinqunyelwe ukubonana, abantu beza. Sizobiza nje le nombolo. Futhi bafakwe ohlwini lwalabo abazokhulekelwa.

